# OKUNGAPHAKATHI





## KUBE INTOKOZO YODWA KUHLONISHWA UDOKOTELA JOSEPH SHABALALA WE-LADYSMITH BLACK MAMBAZO

### IKHASI 4

UMnu. Sihle Zikalala olibamba likaNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natali kanye noNgqongqoshe wezobuCiko namaSiko, ezemiDlalo kanye nokuGcebeleka umama Bongi Sithole-Moloi bebesingathe umsitho obizwa ngokuthi Amagugu Esizwe.



## KUXWAYISWA ABATHOLA IZIBONELELO UKUTHI BANGALISEBENZISI IKHADI ELILUHLAZA

### IKHASI 6

Kuxwayiswe abantu abahola imali yesibonelelo ukuthi baqikelele ukuthi basebenzisa ikhadi likaSassa elimhlophe, njengoba ezindaweni eziningi kunendida yokuba khona kwekhadi eliluhlaza.

## ISIMZE YAZAMAZAMA I-KWAZULU-NATAL KUGCOTHWA AMAKHOSI

### IKHASI 8

Isilo sikaZulu kanye neKwaZulu-Natali yonkana sinyathele kwezwakala eNingizimu nesifundazwe kulelisonto, izakhamizi zavukwa wusinga kwaklikliza omama amabutho aviliyela engaphezi.



## BABIZWE NGEZISHOSHOVU ZEZOLIMO BETHWESWA IZIQU E-OSCA

### IKHASI 12

Banxuswe ukuba basebenze kakhulu kunakuqala abafundi asebephothulile izifundo zabo eKolishi lezoLimo i-Owen Sitholenjengoba sebephumile esikoleni sekufanele bebhekane ngqo nokwenza umsebenzi wabo endimeni yezolimo.



## UDLUNGWANA UDUDUZE UMNDENI KATHISHA WASE LADUMA HIGH SCHOOL

### IKHASI 15

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwana uhambele umngcwabo wokade eyibamba lika Thishanhloko wase Laduma High School (eMgungundlovu District), u Priscila Themelihle Mchunu, odlule emhlabeni emva kokubulawa ngesihluku, edutshulwa phambi kwabafundi ngoMqibelo, zingu 18 ku March 2017.

## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali

© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# UHLELO LUKA-OPERATION LALUDLILE LUZOBA IMPUMELELO UMA ABANTU BENGEKE BADAYISE IMFUYO ABANIKWE YONA

Kubalulekile ukuthi abantu abahlomulile ngaphansi kwaloluhlelo ukuba balandele yonke imiyalelo abanikwe yona yezemfuyo ukuze loluhlelo lube impumelelo.

**NOLWAZI NZUZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Willies Mchunu ebambisene noNgqongqoshe wezolimo Kanye nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya uMnu. Themba Mthembu bethule uhlelo olubizwa nge-Operation Laludlile endaweni yase Manxili eNquthu.

Loluhlelo kuhloswe ngalo ukuqeda ububha Kanye nendlala ezindaweni zasemakhaya belekelelwa uHulumeni wezolimo wesiFundazwe.

UNdunankulu wethule inkulumo yakhe ebibhekiswe kubantu baseNquthu lapho ekhulume khona wathi "Ngimenyiwe uNgqongqoshe wezolimo nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya ukuba sizomelekelela uma ethula ngokusemthethweni uhlelo lokukhiqizwa kokudla okunomsoco okuyinto esihlaba umxhwele njengoHulumeni neyenza simeseke kakhulu kuloluhlelo,ngoba uhlelo olubhekene nqgo nabantu okuyibona ababulawa indlala kakhulu kuyimanjekodwa uhlelo olungasho ukuthi bancike kuHulumeni".

"UHulumeni uyabalekelela ukuthi baqale bakhe impilo kabusha bakwazi ukuzisimamisa uma wonke umuntu ozohlomula kuloluhlelo elibambe kahle walisangatha ngeke baphinde babhekane nendlala.

Loluhlelo luzoba impumelelo uma abantu bezoyinakekela imfuyo abayinkwe uHulumeni, bangayidayisi kodwa bayigcine iphephile futhi baqinisekise ukuthi Imfuyo yabo ayibulalwa indlala" UNdunankulu uqhube wathi umnyango wezolimo ubaluleke kakhulu ngoba iwona mnyango obhekana ngqo nezokudla ingakho simeseka uNgqongqoshe wezolimo kuloluhlelo, futhi siyethemba ukuthi luzoba impumelelo. Kubalulekile ukuthi abantu abahlomulile ngaphansi kwaloluhlelo ukuba balandele yonke imiyalelo abanikwe yona yezemfuyo ukuze loluhlelo lube impumelelo. UNqongqoshe wezolimo uMnuz. Mthembu uthe umnyango wezolimo unezinhlelo zokuthuthukisa izimpilo zalabo abampofu iningi labo okungabantu abamnyama, kanti ezolimo ziqokiwe njengohlelo olubaluleke kakhulu ukuze kuqedwe ububha esiFundazweni saKwaZulu-Natal. UNgqongqoshe uthembisile ukuthi umnyango wakhe uzophinde ulekelele ngokunikela umuzi ngamunye ngamathangi amanzi endaweni yaseNquthu njengoba isomiso sikhahlameze kakhulu isiFundazwe sethu.



# Abasebenzi bakaHulumeni kumele basebenze ngobuqotho nangokuzimisela noma bengalusiwe

**NOLWAZI NZUZA**

IHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu libambisene noNgqongqoshe wezokuhlaliswa kwabantu kanye nokusebenzela umphakathi uMnu Ravi Pillay lihambele indawo yaseMzimkhulu ngaphansi komkhankaso othi "Ngenza kahle noma ngingalusiwe" (I Do Right).

Lomkhankaso kuhloswe ngawo ukuqeda ubugebengu kubasebenzi baHulumeni kanye nokubagqugquzela ukuthi umsebenzi bawenze ngokwethembeka kanye nokuzimisela noma bengalusiwe.

Lomcimbi ubuhanjelwe iMeya yomkhandlu i-Harry Gwala, usekela Meya waseMzimkhulu kanye namakhansela endawo uMnu Mandla Cecil Msomi ovela eHhovisi likaNdunankulu okuwuyena ophethe loluhlelo uthe kubalulekile ukuthi uma izisebenzi zikaHulumeni zenza umsebenzi emphakathini ziwenze ngendlela egculisayo futhi ngendlela ehambisana nomthetho mgomo.

UNgqongqoshe wezokuhlaliswa kwabantu kanye nokusebenzela umphakathi, uRavi Pillay ukhuthaze umphakathi ukuthi ungagwazeli izisebenzi zikaHulumeni uma udinga izidingo ngqangi, uNgqongqoshe uPillay uqhube wathi "Kukho konke esikwenzayo kubalulekile ukuthi sibeke umgomo we-Batho Pele phambili ukuze yonke imisebenzi eyenziwayo emphakathini yenziwe ngendlela, kuxoxiswane nabantu ukuthi yini abayifunayo kuHulumeni uma senza njalo yonke into ingaba impumelelo". Umphakathi unikwe ithuba lokuba uzwakalise izikhalo zawo kanye nezingqinamba ohlangabezana nazo.




*UMnu Mandla Cecil Msomi ophuma eHhovisini likaNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal elibizwa nge-Integrity, echazela umphakathi ngohlelo lomkhankaso obizwa nge"I Do Right".*
***Isithombe:* THEMBA MNTYALI**


NGISEBENZA NGOBUQOTHO
NOMA NGINGALUSIWE

SERVICE DELIVERY HOTLINE - 0800 596 596

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT
OPERATION Sukuma Sakhe

TO BE THE CENTRE OF GOVERNANCE, PROVIDING LEADERSHIP TOWARDS ACHIEVING KZN VISION 2035



MR THEMBINKOSI WILLIES MCHUNU
KWAZULU-NATAL PREMIER

# KUBE INTOKOZO YODWA KUHLONISHWA UDOKOTELA JOSEPH SHABALALA WE-LADYSMITH BLACK MAMBAZO

**CUTHBERT NZUZA**

UMnu. Sihle Zikalala olibamba likaNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natali kanye noNgqongqoshe wezobuCiko namaSiko, ezemiDlalo kanye nokuGcebeleka umama Bongi Sithole-Moloi bebesingathe umsitho obizwa ngokuthi Amagugu Esizwe. Bekwenziwe isidlo sakusihlwa (Gala Dinner) laphaya e-Alfred Duma Indoor Sports Centre, eMnambithi. Ilapho kuhlonishwe khona umholi womculo weSicathamiya udokotela Joseph Shabalala we-Ladysmith Black Mambazo.

Kuzokhumbuleka ukuthi ubaba Alfred Duma naye owaboshwa isikhathi eside e-Robben Island, uphuma khona eMnambithi yikho naye ahlonishwa kwabizwa uMasipala ngaye, futhi ubekhona kulomsitho kaMshengu. Lomsitho wenziwe ukuhlonipha iqhaza likadokotela Joseph Shabalala ongumqambi futhi abe umsunguli wamambazo amnyama asedume umhlaba wonke ngomculo wesintu isicathamiya noma ingoma busuku.

UMnu. Sihle Zikalala olibamba likaNdunankulu obambele mnu. Willies Mchunu okwesikhashana, ubechoma uDkt, Joseph Shabalala uphaphe legwalagwala okunguye othuthukise umculo weSicathamiya walapha emzansi wakulelizinga elikulo. Lomculo wezingoma busuku ububukelwa phansi.

UMnu. Zikalala ubonge umndeni kaShabalala ngokuthi uvume ukuthi benze lomsitho. Ubese ephawula ukuthi udkt. Shabalala akaziwa nje eMnambithi noma oKhahlamba naseMzansi kodwa uhlonishwa emhlabeni wonke jikelele ngenxa yomculo weSicathamiya. IsiFundazwe sikubone kufanele ukuthi sizobonga esaphila udokt uShabalala ngegalelo lakhe.

Yiwo lomculo uMzansi ozigqaja ngawo, yiyolengqalabutho udkt. Shabalala neqembu lakhe esizigqaja ngalo elenyuse izinga lomculo lazeka naphesheya kwezilwandle. Udokotela Shabalala ucule nabaculi abaningi baphesheya kwezilwandle o-Paul Simon, Dulah Ibrahim, Harry Belafonte, Andreas vollenweider nabanye. "Kujwayelekile futhi sekuwumkhuba nje ukuthi izingqalabutho zithole ukuhlonishwa noma zibongwe ngeqhazalazo ezilenzile ekwakheni isizwe uma sezedlule emhlabeni.

Thina sizishaya isifuba futhi siyazibongela nakuMdali ngokuba sibe nalelithuba lokuthi sikwazi ukuzibongela njengesizwe kudokotela Shabalala weMambazo esadla anhlamvana. Sibonga ngeqhaza lakhe lokuba abengomunye wabamnyama othathe okwethu kwengabade wakuvezela umhlaba wazi ngamasikompilo ethu," kubeka uMnu Zikalala. UDkt Shabalala ngephimbo lakhe, nobuchule, namava enze ukuba abengomunye wabamnyama ezwenikazi lase Africa elike labakhipha sakwazi ukuthi sihlonishwe amazwe.

Abelungu bethuka umhlola bemuzwa ecula ekhipha inoni ngaphandle kwezinsimbi.

"Singekhohlwe ukuthi uDkt. Shabalala ucule kanye nabanye abaculi kunzima ngesikhathi sombuzo wobandlululo. Bonke abaculi ngezingoma zabo basinika ithemba ngesikhathi esibi esohlala siwumlando kithi lapho ubandlululo lwaludla lubi luhlukumeza indlu emnyama. OkaZikalala uvezile ukuthi ubandlululo lwenziwa ngendlela yokuthi silahle okwethu sincike kwabezizwe.

"Uma ukhuluma ngeSicathamiya usuke ukhuluma ngomculo wesintu oculwa ngesizulu okuwulimu olusetshenziswa kakhulu kulesisiFundazwe," kubeka Zikalala. "Umculo uyakhula njalo eMzansi ubona ngokwanda kwamathuba emsebenzi njengoba ngokwezibalo abantu abakulomkhakha bangaphezulu kwekhulu lezinkulungwane namashumiyisithupha nambili," kubeka uZikalala. Kuleminyaka engamashumi ayisihlanu nesikhombisa yasungulwa i-Ladysmith Black Mambazo ikwazile ukuthola imiklomelo emine yaphesheya kwezilwandle ebizwa nge Grammy Awards kanti futhi yabuye yakleliselwa wona lomklomelo amahlandla ayishumi nanhlanu. Sinenselelo thina esisele yokuthi sivekele umongo osuwenziwe usuke kithi uye ezizukulwaneni ezizayo.

Ngenhlanhla uDkt. Shabalala ukwazile ukufaka izinsizwa zakhe zakwazi ukufuza imbiza wasibulala isisho esithi umfundisi akamzali umfundisi ngokujwayelekile.

UMnu. Zikalala ubonge umndeni ngokuthi ukwazi ukumnakelela udkt Shabalala kulesisikhathi sakhe somhlalaphansi njengoba sekujwayelekile ukuthi abantu abadala bayiswe ezindaweni zabadala. Kubongwe neSABC ngokuthi ibenendlela yokuthi kudlalwe umculo wasekhaya kakhulu kuneminye.

Ukukhangisa okwethu kusinika ithuba lokuthi esikwenza la kuthole ithuba elingele kulithole kwezinye izizwe. Ngokwenza njalo sikhuphula izinga namathalente ethu eMzansi.

UNgqongqoshe wezobuCiko, amaSiko, ezemiDlalo kanye nokuGcebeleka umama Bongi Sithole-Moloi uthe, bona njengomnyango bayafisa ukuthi baqhubeke nohlelo lokubonga zonge izingqalabutho ezifukule lesisiFundazwe kwezamaCiko namaSiko. Kungase kube into yaminyaka yonke ukuhlonishwa kwamaGugu esizwe.

Okuphawulekayo ngomculo lo waMambazo ukuthi alikho nelilodwa iculo abalicula langabi namlayezo futhi langabi nezinto ezithinta izimpilo zabantu.


Umfoka Gumede ukhiphe iciko lakhe lezandla wenza umqingqo/umfanekiso oyithombe esibaziwe ngoShabalala. Kuwo lonyaka uMongameli weZwe uMnu. Jacob Zuma uke wayivakashela lengqalabutho wase eveza umbono wokuthi ibongwe isaphila lensizwa endala yakwaMshengu. IsiFundazwe sethu asipholisanga maseko sasuka sahlala senza lomsitho esanda kufulathela uMongameli ngoba isethembiso sikhuba impilo yabantu uma ungasigcini. Omele uNdunankulu uMnu Sihle Zikalala ehambisana nabaphathiswa babenethuba lokuzwa ngomlando wesikole Klipriver esizokwaziwa nge-Dokotela Joseph Shabalala Secondary School. UMnu. Sibusiso Masinga uyena othule umlando wesikole kubaphathiswa.

Umphathiswa wezeMfundo walesisiFundazwe umnu. Mthandeni Dlungwane kudlule ezandleni kuye ukubhekelela ukuthi ukushintshwa kwegama ngabe imigudu ilandeliwe yini yonke njengoba uMthethosekelo weZwe usho.

Lesisikole sesibe namagama amaningi esesibizwe ngawo, Kit Street, o-Klipriver kodwa-ke leligama esesibizwe ngalo manje ongathi akuselula ukuthi sithole elisha ngenxa yokuthi lizogadwa i-Foundation kaDokotela Shabalala. Le-Foundation ithembisile ukuphatha kahle izimali zikahulumeni futhi ngeke ise uhulumeni enkantolo njengoba abanye benza. Okubalulekile ngalesisikole sikhiqiza imiphumela emihle minyaka yonke 90%, ngoba



nomfana othole izifundo zezibalo ngamalengiso (Maths) uphuma kuso, Simphiwe Thabethe. Kwi Scince expo eya eMelika Texas kuzohamba umntwana ophuma kulesisikole. Lesisikole sikhiqize nemeya ubaba Mazibuko yingakho lesisikole sibalulekile emlandweni waseMnambithi. UMnu Sibusiso Masinga njengomzali owakhele uMnambithi uthembise uMongameli wabuya wathembisa abaphathiswa ukuthi sebefisa ukukhipha 100% wemiphumela kamatikuletsheni.



# I-MOSES KOTANE INSTITUTE NEHHOVISI LIKANDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL ITHUTHUKISE INTSHA NGAMAKHONO

I Moses Kotane Institute (MKI) okuyisikhungo sikahulumeni waKwaZulu-Natal (KZN) ngaphansi komnyango wezokuthuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha, nokoNgciwa kweMnvelo owangamelwe uMnu Sihle Zikalala. Kamuva nje lesisikhungo sisanda kushitsha inqubo mgomo yaso ukubhekana nqqo nokushoda kwamakhono ikakhulukazi ahlanganisa ezokucwepheshe okubalwa kuwo I-Science, Technology, Engineering, Kanye ne-Mathematics (STEM). I-Moses Kotane Institute yakhe ubudlelwane neHhovisi likaNdunankulu ukuqeqesha itsha engamakhulu ayisisihlanu (500) ngokohlelo lwe Digital Terrestrial Television (DTT), loluhlelo luthele imiphumela emihle njengoba ngomhlaka 28 kuya 31 kuNdasa 2017 intsha engu-141 yokuqala ebiyingxenye yaloluhlelo ihlongwe njengeqembu eselikulungele uquqala umsebenzi njengoba kade linikezwa izitifiketi zabo zokuphothula izifundo kanye namathuluzi okuqala ukusebenza.

IHhovisi likaNdunankulu ngaphansi kweHhovisi elibekelele ukwehlisa ukwentula emphakathini yase KZN (Poverty Eradication) lizibophezele ukuhlunga itsha ebizoba ingxenye yaloluhlelo kubukwa kakhulukazi izinga lokwentula koMasipala abasuka kubo, okubalwa kubo uMhlabuyalingana, iNkandla, uMdoni, uMaphumulo kanye noMsinga. Uhlelo lwe DTT lwenziwe laba izigaba ezimbili, isigaba sokuqala besibhekelele ukuphathwa kwamabhizinisi nezimali, isigaba sesibili besibhekelele ukuxhuma amabhokisi eDTT abizwa nge Set-Top Box (STB). "Njengoba iNingizimu Afrika izilungiselela ukusuka kuhlelo lwe Analogue TV siya kuhlelo lwe Digital TV kubalulekile ukuthi intsha yethu siyicije ngamakhono abazokwazi ukuziphilisa ngawo.

Njengoba sibhekene nezinga eliphezulu lwetsha engaqashiwe, loluhlelo lwe DTT lizobhekana nqqo nokwehlisa izinga letsha ehleli emakhaya njengoba sibagqugquzela ukuthi beqale amabhizinisi abo ukuthuthukisa izimpilo zabo, nezomphakathi abasuka kubo." Kuchaza uMnumzane Ranveer Persad obambe njengesikhulu esiphezulu sase Moses Kotane Institute.



# UZikalala uxwayise abadayisela izingane utshwala

SIYABONGA MAPHUMULO

**UNGQONGQOSHE** wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala wexwayise labo abadayisela izingane uphuzo oludakayo ngokuthi bangazithola sebebhadla ejele okungenani iminyaka emihlanu.

Lokhu ukusho ngenkathi ehambele izikole ezisenyakatho nesifundazwe eMkhanyakude njengengxenye yohlelo lukahulumeni i-Operation Sukuma sakhe nalapho efike wathola khona umbiko wokuthi kunezindawo ezibude buduze nezikole ezidayisela izingane zesikole utshwala.

UZikalala, ophinde abhekele isikhungo esikhipha amalayisensi okuhweba ngotshwala esifundazweni IKzn Liqour Authority wathi ngokomthetho kahulumeni akuvumelekile ukuthi kuhwetshwe ngotshwala okungenani amamitha angu 500 kusekela esikoleni.

Ngale kwalokhu, kusho uZikalala, labo abaqhubekayo nokuhweba bangazithola sebebhekene nezinyathelo zomthetho.

"Kuyinto esikhathaza kakhulu ukuthi kunabantu abadayisela izingane utshwala, ikakhulukazi labo abenza lokhu ngesikhathi sesikole ngoba uma izingane seziphuzile azigcini nje ngokulahlekelwa emsebenzini wesikole kepha ziphinde futhi zithikameze isiko lokufunda nokufundisa kwazise kazibe zisalawuleka." Eqhuba uNgqongqoshe wathi yize othisha besebenza ngokuzikhandla, loku kuphenduka izeleze uma kuzosuka abantu emphakathini okumele kungabe yibo abaqikelela ukuthi izingane zisesikoleni ziyafunda bazidayisele utshwala.

Ngokombiko weKZN Liqour Authority, lesi sikhungo sesivele sivale okungenani izindawo ezingu 15 ezidayisa utshwala ngokungemthetho eMkhanyakude namaphethelo nokuyinto uZikalala ayishayela elukhulu ihlombe.

"Siyisifundazwe sifuna ukusebenzisana nazo zonke izinhlaka ukuze siqinisekise ukuthi nempela siyasiqeda lesisihlava sokudayiswa inoma ikhuphi kotshwala. Sikhuluma nje esifundazweni sonke sesivala izindawo ezingu 136 ezingekho emthethweni." UZikalala wabe esethembisa ukuthi ngokubambisana nezinhlaka ezihlukene kuhulumeni kubalwa uMnyango wezokuPhepha, ezokuThutha nokuXhumana noMphakathi, umnyango wezeMfundo, owezeNhlalakahle kanjalo neKZN Liqour Authority uhulumeni uzoqhubeka nombhidlango wokuvala zonke izindawo ezidayisa utshwala ngokungemthetho, ikakhulukazi lezo ezidayisela abantwana besikole.

# ZIVUKE KABUSHA IZIDONGA ZAKWASITHEBE

SIYABONGA MAPHUMULO

Emuva kwesikhathi esingangonyaka KwaSithebe, enye yezimboni ezinkulukazi KwaZulu-Natali, kwangqongqiswa ngomlilo kulandela isiteleka somphakathi, leyandawo isiphinde futhi yavuswa. NgoMashi nyanyeke izimboni ezimbalwa kwaSithebe zashiswa umphakathi owawubhikisha nokwaholela ekutheni kucekele phansi impahla, izakhiwo kwaphinde futhi kwalahleka nemisebenzi.

UNgqongqoshe weZokuthuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala uvakashele kwaSithebe eMandeni ngeledlule ngenhloso yokuyobheka ukuqhubeka komsebenzi wokulungisa kwaleyandawo kanti ukuncome kakhulu akubonile.

"Indawo yakwaSithebe ingezinye ezibaluleke kakhulu KwaZulu-Natali kwazise phela iyisizinda sezimboni ezidala amathuba emsebenzi evile ku-20,000 nokusho ukuthi iwumgogodla wezomnotho endaweni yaseMandeni namaphethelo.

Kumele sikhumbule futhi ukuthi ziningi ezinye izindawo nakwezinye izifundazwe eziyiliconsela amathe ithuba lokuthi zihehe osomabhizinisi abafana nalabo esinabo kwaSithebe ukuthi bazotshala izimali kuzo.

Lokhu kukodwa nje kukubeka kucace ukuthi kubaluleke kangakani ukuthi siqikelele ukuthi abatshali zimali kulesisifundazwe abahlukunyezwa."

Ibalelwa ngaphezu kwezigidi ezingamashumi ayisikhombisa (R70 Million) imali ebekelwe ukuthi kuthuthukiswe zonke izimboni zakwaSithebe ezidlala indima ebalulekile ekufukuleni uMnotho nasekukhiqizweni kwamathuba emisebenzi.

Kulesamba izigidi ezingamashumi amahlanu zivela eMnyangweni wezeziMboni kanye nezoHwebo kuzwelonke kanti ezingamashumi amabili zikhishwe yiThala okuyilo elingamele indawo yakwaSithebe.

Isigaba sokuqala somsebenzi sifaka phakathi ukuthuthukiswa kwezokuphepha, ukubiyelwa kwezimboni, ukukhanyiswa kwemegwaqo esezimbonini kanye nazo zonke izinto ezithinta ukukhushulwa kwamandla kagesi.

Okwamanje kulezi zakwaSithebe izimboni kusaqalwe kabusha uphahla lwezinye izakhawo ebesezingasekho emgangathweni, kuzokhumbuleka ukuthi lezizimboni zilokho zakhiwa ngeminyaka yawo 1971.

Miningi-ke imisebenzi eyenziwa kulezizimboni zakwaSithebe okubalwa kuzo ukukhiqizwa kwezimpahla zokugqoka, Ifenisha, imikhiqizo yoplasitiki, izikhwama, amakhemikhali, amaphepha, ezinto eziphathelene nobunjiniyela kanye neminye imikhiqizo enhlobonhlobo.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala*

*"Indawo yakwaSithebe ingezinye ezibaluleke kakhulu KwaZulu-Natali kwazise phela iyisizinda sezimboni ezidala amathuba emsebenzi evile ku-20,000 nokusho ukuthi iwumgogodla wezomnotho endaweni yaseMandeni namaphethelo."*



**"Siyisifundazwe sifuna ukusebenzisana nazo zonke izinhlaka ukuze siqinisekise ukuthi nempela siyasiqeda lesisihlava sokudayiswa inoma ikhuphi kotshwala."**

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, benoMphathi wakwaSassa KwaZulu-Natali, uNkosikazi Pearl Bhengu, befundisa abantu ukuthi basebenzise ikhadi elimhlophe lakwaSassa ukuhola izibonelelo.*

# KUXWAYISWA ABATHOLA IZIBONELELO UKUTHI BANGALISEBENZISI IKHADI ELILUHLAZA

**HLENGIWE BLOSE**

Kuxwayiswe abantu abahola imali yesibonelelo ukuthi baqikelele ukuthi basebenzisa ikhadi likaSassa elimhlophe, njengoba ezindaweni eziningi kunendida yokuba khona kwekhadi eliluhlaza.

Lokhu kuvele kakhulu ezikhungweni zokuhola njengoba ungqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ebehambisana noMphathi wakwaSassa esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Pearl Bhengu ukuqinisekisa ukuthi abantu bayahola ngaphandle kwezihibe. Izindawo abazihambele iseBayview, eChatsworth, eningizimu yeTheku, nakwaFakazi, eMbumbulu. Bonke abathola izibonelelo bezwakalise ukujabula kwabo ngokubona izikhulu ziphakathi kwabo, kanye nokuthola izimali zabo. Ikhadi lakwaSassa yilo elugunyaziwe ukuthi lisetshenziselwe ukuhola, futhi akekho umuntu onelungelo lokuboleka abahola izibonelelo izimali. "Lilodwa ikhadi uHulumeni alaziyo eliholela imali yezibonelelo kanye nempesheni elinophawu lukaHulumeni kanye nemibhalo ebhalwe ukuthi SASSA. Sinxusa wonke umuntu onalenkinga asibikele simsize ngoba lemali ingeyenu futhi uHulumeni uyaqinisekisa ukuba nihlale nithokozile njengoba kufanele niyithole nyanga zonke.

"Kubalulekile ukuba umuntu ajoyine umshwalense awuthandayo ngaphandle kokuthathiswa ngenkani ngoba angeke uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ukuvumele lokho ngoba kuwukuhlukumeza abantu," kusho uNgqongqoshe uThusi.

Babalelwa ku-17 million kuleli lizwe abantu abathola izibonelelo kuHulumeni ngokugunyazwa uMthethosisekelo weZwe.

Izinselelo ezingatheni ezibikwe kakhulu muva nje ngabezindaba ezithinta ukukhishwa kwalemali njengoba bekukhona izinkulumo ezithi inkampani eqokwe u-SASSA ukuba uyilekelele ekwenzeni lomsebenzi izomiswa bese lokho kuphazamise ukuhola kwabantu azizange ziwuphazamise lomsebenzi obaluleke kangaka wokukhishwa kwezibonelelo.

INkantolo yoMthethosisekelo iye yayinika isikhathi esengenziwe lenkampani ukuba iqhubeke nalomsebenzi, okwenze ukuba ukuphuma kwemali kuqhubeke ngendlela ejwayelekile.

Abasitholayo isibonelelo bayakhuthazwa ukuba bathinte abakwaSouth African Social Security Agency (Sassa) uma benemibuzo ethinta ukuhola kwabo kwinombolo ethi 0800 60 10 11.

Isiyenyukile imali yesibonelelo yabadala abaneminyaka esukela ku-60, ngo-R90 saba ngu-R1 600.

Abaneminyaka engu-75 kuya phezulu bona sebethola imali engango R1 620.

Isibonelelo sabakhubazekile naso senyuke ngo-R90, saya ku R1 600 ngenyanga. Esezintandane sona senyuke ngo-R30 saya ku-R920 ngenyanga, bese kuthi esokukhulisa izingane sanyuka ngo-R20 saba u-R380 ngenyanga.

Izintandane zona zihlomula imali engango-R890 ngenyanga.

Ezinye izibonelelo eziphumayo ezamaWar Veterans, okungabantu ababamba iqhaza ezimpini, bona abathola imali engango-R1 530 ngenyanga, uma benokukhu bazeka noma abaneminyaka engaphezulu kuka-60 futhi ababesembuthweni ngesikhathi seMpi yoMhlaba yesiBili i-Second World War noma i-Korean War.

Isibonelelo sokukhulisa izingane singu-R350 ngenyanga, esinikwa umnakekeli wengane eneminyaka engaphansi kuka-18. Oyitholayo kumele ahole imali engaphansi kuka-R39 600 ngonyaka (uma engashadile), noma u-R79, 200 ngonyaka (kuhlanganisiwe uma eshadile). Kukhona nesaziwa nge Grant-in-Aid, esingu-R350 ngenyanga. Sona sibhekelele ukunakekelwa kwabantu abathola isibonelelo sabantu abadala abanokukhubazeka noma abathola i-War Veteran's Grant futhi abadinga ukunakekelwa ngenxa yokukhubazeka emzimbeni noma ngokomqondo.

Kukhona nesaziwa ngeSocial Relief of Distress, okuyisibonelelo sesikhashana esinikezwa abantu abaswele abangaphansi kwezimo ezahlukahlukene, okubalwa kuzo abasuke befake isicelo sesibonelelo nabasuke besalindile ukuthola isibonelelo, isicelo sabo sisuke sesivunyiwe noma abavelelwe umshophi thizeni, njengezikhukhula.

Kuyenzeka ukuthi umuntu oyedwa athole isibonelelo esingaphezu kwesisodwa. Isibonelo, umuntu omdala angakwazi ukuthola isibonelelo sokukhulisa izingane ezintathu.

Abathola isibonelelo sabantu abadala, esokuphila nokukhubazeka noma sama War Veterans bangaphinde bathole isibonelelo se-grant-in-aid uma bedinga ukunakekelwa ngenxa yokukhubazeka emzimbeni noma ngokomqondo.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ekhuluma namalunga omphakathi ngesikhathi ehambele endaweni yaseMfume.*



**"Kubalulekile ukuba umuntu ajoyine umshwalense awuthandayo ngaphandle kokuthathiswa ngenkani ngoba angeke uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ukuvumele lokho ngoba kuwukuhlukumeza abantu."**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# KUGQUGQUZELWE UKUGWENYWA KWEZIFO KUNOKUTHEMBELA EKWELASHWENI

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo uphinde waqhakambisa izwe laseCuba njengesibonelo esihle ekwenganyelweni kwezeMpilo, wathi izikhungo zezeMpilo zakuleli ngabe azigcwali ukuba abantu bayazikhuthaza ngokuzinakekela kahle, bagweme izifo, futhi baye koxilongwa ngaphambi kokuba baze bagule.

UDkt Dhlomo ubekhuluma eDumbe Community Healthcare Centre (CHC) lapho abeyobheka isimo sokusebenza, aphinde aseke odokotela abathathu abasebenza ngokuzikhandla kule ndawo ehlinzeka izinkumbo zabantu ngezinsiza zezeMpilo.

Emva kokwamukelwa ngemfudumalo wubuholi bendawo, uDkt Dhlomo ugoqe imikhono yehembe wazixilongela mathupha iziguli eziwu-16.

Omunye wabo, uNksz Busisiwe Nkosi waseBilanyoni, uthe, "Kade ngibulawa yizinhlungu ngifika lapha. Ngithokoze kakhulu ngibonwa uNgqongqoshe uqobo lwakhe. Kuyisibusiso impela.

Ngithole imithi yami wase ethi uDkt Dhlomo ngizodluliswa ngiye esibhedlela." UDkt Dhlomo uthi indlela eyenza ngayo i-Cuba ngokugxila kakhulu ekugwemeni izifo kunokwezelapha kungayisiza iNingimzimu Afrika.

"Lapha kwelakithi uma uwudokotela uyahlonishwa uma uphumelela ukunquma imilenze yabantu ukuze usindise labo abasuke belimele noma abaphethwe isifo sikashukela.

Kanti eCuba uhlonishwela ukuthi ufundisa abantu ukuthi basivikele lesihlava.

Siyazi ukuthi uhlelo lwezeMpilo olugxile miphakathini, i-Community-Orientated Primary Health Care (COPHC), iyawasebenzela amanye amazwe, nathi sifuna ukubona isebenza nalapha kithina."

Phakathi kodokotela abasaqeqeshwa eCuba, ababili bazobuya bezosebenza eDumbe CHC kungekudala.

Baningi futhi abanye abazofakwa emakhaya isifundazwe sonke.

"Inhloso yethu singuHulumeni ukuthi siqinisekise ukuthi ngisho abantu abahlala ezindaweni ezisemakhaya bayaluthola usizo lwezempilo.

Sifuna ukufeza izimiso ezibekwe wumhlahlandlela kahulumeni, i-National Development Plan, ezithi ngonyaka ka-2030 kumele zonke izikhungo zikaHulumeni zibe sezisezingeni eliphezulu.

Abantu kumele bangabi nasidingo somshwalense wezempilo (medical aid), ngisho emakhaya, ngoba impatho abayoyithola ezikhungweni zethu iyobe ilungile," kusho uDkt Dhlomo.



UDkt Dhlomo uvakashele nasemtholampilo waseFrischgewacht ukuyohlola isimo sokusebenza. Ubuye wahola iqembu labebezivocavoca sakudansa (aerobics), wagqugquzela umphakathi ukuba ujwayele ukuzivocavoca ukuze ungangenwa izifo kalula.

# "Mabangayekelelwa abanesifo sengcindezingqondo"

**SIBONGISENI DHLOMO**

**ENYE** yezinselelo ezinkulu esibhekene nazo njengoba siyizwe elisathuthuka wukungabi nolwazi olwanele mayelana nezempilo nokuthi izifo zigwenywa kanjani nanokuthi yimaphi amathize enziwayo ukudodobalisa lezo ezingelapheki. Lesi simo sibucayi kakhulu ngasohlangothini lwezifo zokuphazamiseka komqondo.

Abacwaningi bathi isifo sengcindezingqondo (depression) sibalwa kanye nezinye eziningi umphakathi ongaziqondisisi neze, phezu kobungozi bazo obukhulu okubandakakanya ukuphelelwa yithemba umuntu aze afune nokuzibulala. Njengoba amazwe omhlaba ezobe eqwashisa ngobungozi besifo sengcindezingqondo ngomkhankaso ka-World Health Day, mhlaka 07 kuMbasa 2017, siyafisa ukuhlomisa umphakathi ngolwazi ukuze sigweme ukukhandleka kwabantu nokulahleka kwemiphefumulo ngokungenasidingo – zibe zikhona izisombululo.

Lesi sifo sengcindezingqondo sihlasela omncane nomdala, owesilisa nowesifazane. Indlela esiyingozi ngayo, ongoti bathi sifana ncimishi nokuzithola uwedwa emgodini omkhulu omnyama, okunzima ukuphuma kuwo.

Uma ugaselwe yisifo sengcindezingqondo, kuzwakala kuwumqansa ukuphila usuku nosuku, uze ubone engathi kungcono ukufa kanti akunjalo.

Ungazibona sengathi ubhekene nozamcolo, uzwe sengathi uyigobolondo nje elingenalutho ngaphakathi, ungabi nandaba nalutho ngezinto ezingamagugu empilo nokubaluleka kwazo.

Ukuzizwa uphansi nokuphatheka kabi kuyingxenye yempilo kulomhlaba ohlabayo esiphila kuwo. Kodwa uma lemizwa isiyinsakavuka futhi ikufikela okwemvula kazamcholo, lokhu kungasho ukuthi unesifo sengcindezingqondo. Konke lokhu kungaphazamisa impilo yakho, ungakwazi ukusebenza, ukufunda, ukudla, ukuzijabulisa, nokuthelena amanzi nje nabanye abantu.

Omunye ophila nalesi sifo wafanisa ukuguquguquka njalo kwemizwa yakhe njengokuba sesitimeleni esidlubulundayo abe engazi ukuthi ehle kanjani futhi nini nokuthi nje uyoke ehle yini. Lesisifo sehlisa ukuzethemba kumuntu, ukuzihlonipha, ukucabanga nokwenza izinqumo ngendlela ehluzekile.

Phakathi kwezimpawu zesifo sengcindezingqondo singabala:

- Ukubona sengathi isimo esingesihle okuso ngeke sisabangcono, futhi akukho lutho okungasilungisa;
- Ukungazigqizi qakala izinto phambilini obuzithanda nezibalulekile empilweni yakho njengezemidlalo, noma ukuzikhipha;
- Ukuphelelwa wuthando lokudla, ukuncipha isigubhukane noma ukukhuluphala kakhulu.
- Ukungafikelwa wubuthongo noma ukulala kuze kweqe. Ukucasuka kalula nokuba nesihluku nje, uzizwe ucasulwa abantu bengenze lutho kuwena;
- Ukuhlala uzizwa ukhathele, usindelwa umzimba, uze uhlulwe nayimisebenzana emncane.
- Ukungazithandi, nokuhlale uzigxeka, uzibone uhlale unezici namaphutha.
- Ukuziphatha gadalala, uqale imikhuba ekwenza uzizwe ukomunye umhlaba kodwa ibe inobungozi, njengophuzo oludakayo, ukubhema izidakamizwa, ukugembula nokushayela ngaphandle kokucophelela.
- Ukuba nezinhlungu ngendlela engaqondakali, okubandakanya ukuphathwa yikhanda, iqolo, isisu noma amamasela.

Uma uzithola unalezizimpawu, Kubalulekile nokuzivocavoca ngoba kusabalalisa imizwa yokulwa nokucindezeleka emzimbeni nasemqondweni.

Kodwa okubaluleke kakhulu Ukuthi wonke umuntu ozithola ekulesi simo azi ukuthi yonke lemizwa yokuba semanzini nokulahlekelwa yithemba iyizimpawu nje – akusho ukuthi impilo yakho injalo ngempela, noma iyohlala injalo.

Nanokuthi kuningi ongakwenza ukuzikhipha kulomgodi. Uphinde uzizwe ungcono futhi uphile kahle.

Ngifisa ukukuqinisekisa ukuthi ngisho isimo singabukeka sisibi kangakanani, isisombululo sihlale sikhona. Igxathu lokuqala elibalulekile ukuqonda lenkinga obhekene nayo, nokuthi ungawuthola kuphi ukhiye wokuphuma kuyo.

Izikhungo zikaHulumeni zezempilo zingakusiza. Kanjalo futhi siwumyango Wezempilo siyalusabalalisa ulwazi emiphakathini ngalesisifo Nokuthi umphakathi ungasizakala kanjani.



*UNgqongqoshe weZempilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo*

Ngenhlanhla siphila esikhathini lapho abantu abaningi sebesebenzisa omakhalekhukhwini abanobuchwepheshe bokuthola ulwazi njengokungena kwi-internet. Funda kabanzi ngalesi sifo nezimpawu zaso, bese uhamba oyongqongqoza eminyangweni efanele ukuze uthole usizo. Kubalulekile ukuthi sonke sivuleleke kwabanye abantu - kungaba abangani, izihlobo, noma abantabethu – ukuze bazizwe bekhululekile ukuba basibikele uma benezinkinga.

Ngithi-ke, ngisho ngabe inkinga obhekene nayo inkulu kangakanani, uma kunomuntu ongayikhuluma naye, ungazizwa ungcono bese uthola nomkhombandlela wesisombululo.

Abantu abanezinkinga bayakwazisa ukuthi lokhu kuhlale kuyimfihlo ngoba abafuni ukuphoxeka nokwehliswa isithunzi. Ngakho-ke kubalulekile nokuba nesifuba sithembeke kubantu.

Ungathi uxoxelwe wumuntu imfihlo ngoba exakekile edinga usizo bese wena uhambe uyifafaza kwabanye abantu. Kukhona nongakwenza uwedwa nje okungakusiza, njengokuzitshela nokukholwa ukuthi izinto zizoba ngcono (lokhu ungakusho ukuphindaphinde, noma ukubhale phansi izikhathi eziningi);

Ungazinika isikhathi sokwenza okukujabulisayo; Kholwa wukuthi uqinile futhi uwumnqobi; Funda izincwadi noma imibhalo eyakhayo; zijwayeze ukubonga konke okuhle onakho empilweni, nokuncane, futhi uzigqaje ngakho.

Kodwa uma ubona ukuthi izeluleko ozithola ezihlotsheni nakubangani azikusizi, kubalulekile ukuxhumana nabezempilo nabezenhlalakahle ukuze bakusize. Bangakunika imithi, izaluleko noma kokubili, futhi ngesikhathi esiqhubekayo – kuya ngokuthi udinga kuphi ngokubona kwabo.

***Ukuze uthole usizo, thintana nalezi zinhlaka: iCall Centre yoMnyango wezeMpilo esebenza amahora awu-24:*** *0800 005 133; nakulamahhovisi oMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natal: (Head Office) 033 264 3000/1/3/4; PMB cluster 033 395 9701; Ulundi cluster 035 874 8502; Midlands cluster 036 634 6600; eThekwini cluster 031 336 8704. Ungayithinta ne-South African Depression and Anxiety Group (SADAG) ku- 0800 20 50 26.*



**"Lapha kwelakithi uma uwudokotela uyahlonishwa uma uphumelela ukunquma imilenze yabantu ukuze usindise labo abasuke belimele noma abaphethwe isifo sikashukela."**

UNgqongqoshe weZempilo uDkt Sibongiseni Dhlomo

# ISIMZE YAZAMAZAMA I-KWAZULU-NATAL KUGCOTHWA AMAKHOSI

VERNON MCHUNU

Isilo sikaZulu kanye neKwaZulu-Natali yonkana sinyathele kwezwakala eNingizimu nesifundazwe kulelisonto, izakhamizi zavukwa wusinga kwaklikliza omama amabutho aviliyela engaphezi.

Phela oNgangezwe Lakhe ubezofeza umsebenzi wakhe wokugcoba amakhosi ezizwe ezimbili, nokungumsebenzi onomthelela ekuvuseleleni nasekuqiniseni indima yobuholi bomdabu esizweni.

Kanti okwenze lemicimbi yakamumva ibe nohlonzo kakhulu kuneminye yingenxa yokuthi iNgonyama ibiphelezelwa ngamaqhawe ezombusazwe kanye nenkululeko yalelizwe, nabo bekhombisa ngobukhona babo ukuthi ubuholi bomdabu bubekeke ezingeni eliphezulu kakhulu kuleminyaka yanamuhla yeNingizimu Afrika esikhululekile. Emcimbini obuhlelwe ngumnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, obenguSihlalo wenhlangano yobumbano lwaseAfrika, iAfrican Union, uDkt Nkosazana Dlamini-Zuma, noyilungu eliqavile ebuholini benhlangano ebusa izwe uANC, ufike kwaqubuka inhlokomo enkulu, kwazise kunabaningi kulesisifundazwe abalangazelela ukuthi abe nguMongameli weZwe ozongena ezicathulweni zikaMongameli uJacob Zuma nxashane sesifile isikhathi sokuba uMsholozi athi useyophumula.

Kanti nesinye isigayigayi sezombusazwe nenkululeko, onguMgcinimafa kaKhongolose, uDkt Zweli Mkhize, ubeyingxenye yomcimbi wamaMbo, kubandakanya nongqongqoshe womnyango wezempilo kulesisifundazwe, uDkt Sibongiseni Dlomo. UNgqongqoshe obehlele umcimbi ngomnyango wakhe, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, uzwakalise intokozo, ebongela izizwe zendawo kanye neSilo Samabandla, ebalula nokuthi umcimbi ubenohlonzo ngokuthi uhanjelwe yiziphathimandla zakithi ezisezingeni lomhlaba kanye nelezwe lonkana.

"Lokhu kungubufakazi bokuthi ubuholi bomdabu nezinto zomdabu zonke nje, kuthathwa njengento esemqoka kakhulu yiloHulumeni obusayo.

Bebengeke lababaholi bayihambele lemicimbi ukuba izinto zomdabu bezingaziswa yilelizwe," kunconcoza uDube-Ncube.



*Ubuholi bukazwelonke buphume ngezinkathi buzokotha iSilo ngesikhathi sifeza umsebenzi wokugcoba amakhosi.*



*Inkosi uLangalasembo Mkhize waseMbo eMbumbulu ugcotshwe ngokwesiko.*



*Inkosi Senz'esihle Dlamini wasekwa Fodo eHarding ekhombisa ngesitifiketi sakhe, ngesikhathi egcotshwa.* ***Izithombe: MANDLA MKHIZE***

# Wadumala usomtsewu kubuya ubukhosi bakwaDube

VERNON MCHUNU

Anyakaze ephindelela amathambo eNgisi eladuma kakhulu kuZulu ngelika Somtsewu, nowaba yisethenjwa esikhulu sombuso wamaNgisi ekuqoneleni abantu abampisholo ngaphansi kwenqubo yobuKoloni.

U-Sir Theophilus Shepstone ubeyiqhalaqhala elikhulu lamaNgisi ngesikhathi esabusa leli, ethatheka njengesotsha eliyiqhawe lalababacindezeli emkhankasweni wabo wokudunga isizwe seLembe ngendlela yokuthi kukhishwe amakhosi oselwa ngoba ebengenabo ubuncelebana emaNgisini.

LeliNgisi libe nesandla esikhulu ekuboshweni nasekudingisweni kwamakhosi amaningi kaZulu, kwabekwa labo ababesetshenziswa emkhankasweni walesisizwe wokuzitapela bazitike ngomhlaba kaZulu. Kodwa ngoLwesibili, ukuphenduka ethuneni kukaSomtsewu bekungokokwephuka kwenhliziyo (uma kuwukuthi asebalala bayaphila lapho bekhona).

Phela, uHulumeni waKwaZulu-Natali uphinde wahlabana kowawo umkhankaso onobulungiswa, wokubuyisela ubukhosi bukaZulu esimweni obebuyiso ngaphambi kokuba kuvuleke intuba yokungena abacindezeli kuleli leNgabadi.

Kwesakamumva isiwombe, phakathi kweziningi esifundazweni lapho khona lohulumeni ezama ukulungisa lomonakalo, umnyango wezokuBusa ngokuBambisa kanye neZindaba Zomdabu, oholwa ngumhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, uhlangane nezinkumbi zabantu besizwe sakwaDube, ngaphansi kukamasipala wesifunda iKing Cetshwayo District (ebikade yaziwa ngoThungulu) – nalapho efike khona wethula izindaba ezinhle mayelana nobukhosi besizwe:

Emveni kweminyaka engu 42 lesisizwe singenayo inkosi ngokuyikhonakhona, izolo uDube-Ncube ubikele isizwe ukuthi ucwaningo lweKhomishana ebhekelele ukulungisa ukudideka mayelana nobukhosi isigcine ifinyelele eqinisweni lokuthi isizwe kumele siholwe yinkosi uMfanazonke Dube.

"Ngokusho kombiko weKhomishana osanda kuphuma, kuthe ngokukhothama kwenkosi yesizwe salapha KwaDube



*UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube ethula inkosi esemthethweni yesizwe sakwaDube eMpembeni bude-buduze nechweba iRichards Bay.* ***Izithombe: MANDLA MKHIZE***

ngonyaka ka 1975, umbuso wobandlululo nawo owawusahamba ezinyathelweni zamaNgisi ayephethe ngaphambilini, wavele wenza izinhlelo zokuba kuhlanekezelwe izinto ngokuthi kuqokwe inkosi engafanele," kuchaza uDube-Ncube.

"Lesisimo sivele sadunga isizwe, kwalokhu kunobuhixihixi nokungabambisani phakathi kwezingane zendlu eyodwa, nokuphoqelele ukuthi uhulumeni obhekelele inhlalonhle nobumbano kubantu kanye nokubuyiswa kwesithunzi sezomdabu, ungenelele.

Ungenelelo lwethu selugcine luholele ekutheni ucwaningo lweKhomishana luveze iqiniso bese thina njengohulumeni sibuyisela izinto ngononina," kuqhuba uNgqongqoshe.

Kanti-ke nesizwe sizwakalise ukuyamukela inkosi emenyezelwe njengezophatha, njengoba izakhamuzi ebezethamele lomcimbi obungo Lwesibili eMpembeni, ziphawule kanjena engxoxweni nalombhali:

• "Sithokoze kakhulu ukuthi ekugcineni sesiphethwe yinkosi eyiyonayona ngokwesende," kusho uTholakele Biyela.

• Kanti uZiphozabantu Mtshali yena uphawule kanjena:

"Ndodana, siyamubonga lohulumeni ngokuthi azisukumele izinto zakithi zomdabu. Ezikhathini eziningi kugcina sekuxoveka isizwe ngenxa yokuthi ubukhosi abuqondile ngendlela. Sijabule kakhulu."

• "Ngisiwele amaphiko.

Ukube nginawo ngabe ngiyandiza ngiyoxhawula uNzwakele (Ngqongqoshe).

Impela umnyango wakhe usebenza kakhulu ukulungisa ubukhosi.

Siyaziqhenya njengesizwe saKwaDube ngobukhosi bethu obuyibo," kunconcoza uZanele Mbuyisa.



**"Lokhu kungubufakazi bokuthi ubuholi bomdabu nezinto zomdabu zonke nje, kuthathwa njengento esemqoka kakhulu yiloHulumeni obusayo."**

UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

# UNGQONGQOSHE U-SCOTT UNCOMA INTSHA EMOLWENI

**SIBONELO MSOMI**

Bekuphume nesinedolo ngesikhathi intsha yasezikoleni zakuWadi 9, eBlessing Ninela Zone, eThekwini, iqhudelana kwezebhola likanobhutshuzwayo KwaDinabakubo kuleli sonto. Ibhola lidle utshani, kwakikiza omama, kwakhala namakhwela kwizihlwele ezingabazali nothisha ngesikhathi abafana bendawo abafunda KwaDinabakubo High School, Tholulwazi High School, Ingqungqulu High School kanye neKwabazothi High School, beshaya izitayela enkundleni kuqhume namagoli ngapha nangapha.

Ubumnandi bebuyinsada okwamanzi okuwasha izikhumba.

UNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk. Belinda Scott, wengeze kulobo bumnandi ngokunikela ngejezi le bhola kulezi zikole elekelela ukuthi abantwana bendawo bakwazi ukuqhubeka babambe iqhaza kwezemidlalo.

Uthembise ukuthi uzoqhubeka anikele nakwezinye izikole njengoba lo mdlalo uzoqhubeka kule ndawo. Enikela amajezi okudlala, uNgq. Scott uthe ubheme wakholwa ukubona intsha inandisa kule ndawo engaphansi kwesizinda abelwe sona yisiShayamthetho (Constituency).

"Kuyangijabulisa ukubona intsha izimisele ngale ndlela. Banothando lwebhola futhi banekhono elimangalisayo.

Lo mdlalo wabo udlala indawo enkulu yokugqugquzela ubumbano nobunye emphakathini. Ngikusho lokhu ngoba bengizibonela ukuthi lo mdlalo uhlanganisa amalunga omphakathi.

"Uma bonke abantu kule ndawo bekwazi ukubumbana kanje bazohalalisela intsha idlala, kusho ukuthi ubudlova, ubugebengu kanye nazo zonke izinto eziphazamisa inhlalakahle emphakathini abunandawo kulo mphakathi.

"Lo mbuthano ungakwazi ukuthi uthathe le ndawo uyibeke ebalazweni kulabo abavundulula amakhono ezemidlalo.

UHulumeni uzohlala uweseka lo mdlalo osiza umphakathi ngale ndlela," kusho ungqongqoshe.

IKhansela kule Wadi, uSimphiwe Mncube, obehlele le ndumezulu yomcimbi ukujabulisa intsha kule ndawo. "Siyazi ukuthi abafana abancane bahlala benomdlandla wokwenza izinto.

Siyawazi amakhono abanawo okugijima enkundleni yezemidlalo.

Kubalulekile ukuthi sihlale sisebenzisana nabo ukuze sibafake endleleni efanele futhi sikwazi nokuvundulula ikhono kwezemidlalo.

Ayikho indlela engcono yokwenza lokhu ngaphandle kokuthi sihlele le midlalo njalo.

"Sizibonele namhlanje ukuthi liningi ikhono emdlalweni kanobhutshuzwayo. bagadulisene abafana kwachwaza inkundla kwananela ngisho izintaba zakule ndawo.

Lokhu yinto enhle ngoba lezi yizingane zakule ndawo futhi zijabulisa abantu bakhona lapha.

Sizohlala siyihlela le micimbi ukuze sithuthukise abantu bakuleli wadi," kusho uMncube.





*UNGqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk. Belinda Scott uklomelisa ngendondo abafundi esikoleni KwaDinabakubo High School ngesikhathi izikole zakwaWadi 9, eBlessing Ninela Zone, (eThekwini) ziqhudelana kwezikanobhutshuzwayo. Lapha uthwetshulwe emi neKhansela leWadi uMnuz. Simphiwe Mncube (Kaizer Chiefs Cap), Stanley Gwala (Blessing Ninela Zone Chairman) (Blue t-shirt) kanye noNkosazana Thabile Mazibuko.*

# UMnyango wezokugcinwa kwamafa uqalisa ngochungechunge lwezithangami zokufundisa nge-PPPFA e-KZN

**SKHULULIWE KHOZA**

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natal uzoqala uchungechunge lwezithangami zokufundisa abahlinzeki bemisebenzi eminyangweni kahulumeni esifundazweni ngohlelo olubuyekeziwe lukahulumeni lokusabalalisa kabusha umnotho.

UMnyango uzobamba isithangami sokuqala KwaDukuza Town Hall ngoMsombuluko (ziyi 10 April 2017) kudlulelwe eRichards Bay, kuguduzwe zonke izifunda kuze kuyovalwa eMgungundlovu mhla ziyi 5 May 2017.

Ephawula ngalolu hlelo, uNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk. Belinda Scott, uthe inhlosongqangi yalezithangami wukucobelelana nabahlinzeki bemisebenzi ukuze bakwazi ukubamba iqhaza elibalulekile lapho uhulumeni eguqula ukuphathwa komnotho.

"UHulumeni ufuna ukuthi bonke abantu babambe iqhaza ekuphathweni kwezomnotho KwaZulu-Natali naseNingizimu Afrika, iphelele.

Akufanele ukuthi umnotho uhlale ezandleni zabambalwa. Sifuna ukuthi abantu ababencishekile amathuba ngaphambilini, abamabhizinisi asathuthuka, babe yingxenye yokuphathwa komnotho futhi basizakale kulolu hlelo," kusho uNgq. Scott.

UNgqongqoshe ube esemema abahlinzeki bemisebenzi eminyangweni kahulumeni kanye nabasebenzi omasipala eziFundeni ezehlukene KwaZulu-Natal ukuba babe yingxenye yalezi zithangami zokucobelelana ulwazi ngokuqaliswa komthethonqubo obuyekeziwe obizwa Preferential Procurement Policy Framework Act Regulations 2017.

Lo mkhankaso uqhutshwa yi-KZN Provincial Supply Chain Management Unit. Umthethonqubo obuyekeziwe i-PPPFA Regulations wakhishwa kumqulu kahulumeni mhla zingama 20 January 2017, (Government Gazette No: 40553, Vol No 619) kanti ukusebenza kwale mithethonqubo kuqale ngomhlaka 01 April 2017.

Le mithethonqubo ebuyekeziwe iqhamuka nezinguquko ezinqala eziguqula indlela iminyango kahulumeni ezokwenza ngayo uma inika imisebenzi ezinkampaneni nakosomabhizinisi abahlinzekayo futhi izoshintsha indlela zokuqasha uma kukhishwa amathenda.

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni uzosebenzisa leli thuba ukucobelelana ngolwazi nabahlinzeki bemisebenzi esifundazweni ngezinguquko ezithinta uhlelo lokuthenga olunguchungechunge eKZN kanye nangalokho osekwenzekile ukufeza iziNqumo ezathathwa kwiProcurement Indaba.

Ngolwazi oluningi mayelana nalezi zithangami, bheka isikhangiso salezi zithangami kulo leli phephandaba.

## ISIMEMEZELO

**UKUQALISWA KWEMITHETHONQUBO EBUYEKEZIWE I-PREFERENTIAL PROCUREMENT POLICY FRAMEWORK ACT REGULATIONS, 2017**

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natal umema abahlinzeki bemisebenzi eminyangweni kahulumeni kanye nabasebenzi komasipalaeziFundeni ezehlukene KwaZulu-Natal ukuba babe yingxenye yezithangami zokucobelelana ulwazi ngokuqaliswa komthethonqubo obuyekeziwe obizwa Preferential Procurement Policy Framework Act Regulations 2017. Lo mkhankaso uqhutshwa yi-KZN Provincial Supply Chain Management Unit.

Umthethonqubo obuyekeziwe i-PPPFA Regulations wakhishwa kumqulu kahulumeni mhla zingama 20 January 2017, (Government Gazette No: 40553, Vol No 619) kanti ukusebenza kwale mithethonqubo kuqale ngomhlaka 01 April 2017. Le mithethonqubo ebuyekeziwe iqhamuka nezinguquko ezinqala eziguqula indlela iminyango kahulumeni ezokwenza ngayo uma inika imisebenzi ezinkampaneninakosomabhizinisi abahlinzekayo futhi izoshintsha indlela zokuqasha uma kukhishwa amathenda. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni uzosebenzisa leli thuba ukucobelelana ngolwazi nabahlinzeki bemisebenzi esifundazweni ngezinguquko ezithinta uhlelo lokuthenga olunguchungechunge eKZN kanye nangalokho osekwenzekile ukufeza iziNqumo ezathathwa kwiProcurement Indaba.

Kumenywa bonke abahlinzeki bemisebenzi abaqhamuka koMasipala eziFundeni ezihlukene eKZN abafisa ukucaciseleka ngalemithethonqubo ebuyekeziwe ukuba babe yingxenye yalezi zithangami zokucobelelana ulwazi ezifundeni zabo:

| USUKU | ISIFUNDA | ISIKHATHI | INDAWO |
|---|---|---|---|
| 10/04/2017 | Ilembe | 9:00 – 13:00 | KwaDukuza Town Hall |
| 11/04/2017 | King Cetshwayo | 9:00 – 13:00 | Umhlathuze Civic Centre Richard Bay 5 Mark Strasse: Auditorium |
| 12/04/2017 | Umkhanyakude | 9:00 – 13:00 | Ezibukweni Community Hall |
| 19/04/2017 | Zululand | 9:00 – 13:00 | Indosa Art & Culture hall Ulundi |
| 20/04/2017 | Amajuba | 9:00 – 13:00 | Old Monte Casino |
| 21/04/2017 | Umzinyathi | 9:00 – 13:00 | Dundee: Endumeni Hall |
| 24/04/2017 | Uthukela | 9:00 – 13:00 | Ladysmith Town Hall |
| 25/04/2017 | Harry Gwala | 9:00 – 13:00 | Ixopo: Peace Initiative Hall |
| 03/05/2017 | Ugu | 9:00 – 13:00 | Civil Centre Ray Nkonyeni |
| 04/05/2017 | eThekwini | 9:00 – 13:00 | Pinetown Civic Centre |
| 05/05/2017 | Umgungundlovu | 9:00 – 13:00 | Pietermaritzburg: City Hall |



**"Lo mbuthano ungakwazi ukuthi uthathe le ndawo uyibeke ebalazweni kulabo abavundulula amakhono ezemidlalo."**

UNgqongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott

# UNGQONGQOSHE UPHONSELE INSELELO IZIFUNDISWA ZASE-HARDING

**STHEMBISO SHANGASE**

UNgqongqoshe Wezobuciko, Amasiko, Ezemidlalo nokuNgcebeleka, uNkk Bongiwe uMaSithole Moloi uthi akusizi ukukhala ngamathuba omsebenzi athathwa abantu abangabokufika kuleli ekubeni abendawo bengayifundele imisebenzi etholakala endaweni.

UMaSithole Moloi ubekwaMachi kuwadi 6 kuMasipala uMuziwabantu eningizimu yesifundazwe ngaphansi kohlelo i-Operation Sukuma Sakhe (OSS). "Iqiniso nje lilonke ukuthi akuthina sonke esizoqashwa uhulumeni, ngakho asipheze ukuthi sigqolozele endaweni eyodwa ngamathuba omsebenzi kodwa masifundele nezinye izinto, sicije amakhono okuziphilisa", kusho uMaSithole Moloi.

Phakathi kwezikhalo eziphakanyiswe umphakathi singabala ubugebengu, ezokuthutha zezingane zesikole, imigwaqo eguduza emakhaya, amathuba omsebenzi kumasipala wendawo kanye nesezikhungweni zikahulumeni.

UNgqongqoshe weluleke umphakathi, ikakhulukazi intsha, ukuthi beseke ikomidi lomphakathi elisebenzisana namaphoyisa ekulweni nobunswelaboya elibizwa nge- Community Policing Forum. Abantu bendawo abebegcwele itende eNtshangwe khona KwaMachi bazisholo bona ukuthi abantu bamadolo nzima ukubumba nokuba yingxenye yaleli komidi lezokuphepha ngakho bafisa kungenelele uhulumeni ekuqedeni ubugebengu. Kulapho-ke uNgqongqoshe ebachazele khona ukuthi akusizi ukuthi abantu bakhale ngobugebengu nezidakamizwa esezikhiphe nesidumbu endaweni kodwa bebe behudula izinyawo uma kuthiwa abakhe ikomidi lezokuphepha elisebenzisana namaphoyisa.

"Umbuzo ohlala ungihlupha ukuthi lezi zigebengu nabantu abadayisa izidakamizwa bavelaphi, ingabe bangabantu abangaziwa, manje senifuna ukuthi kufike uhulumeni azobaqoqa abakhiphe endaweni kodwa nina nihleli nabo"? kubuza uNgqongqoshe uMaSithole Moloi.

UNgqongqoshe ubuye wachazela lo mphakathi wakwaMachi ukuthi eminyangweni yakhe emibili ayiholayo kunamathuba omsebenzi adinga abantu abawufundele.

Uthe uMnyango Wezobuciko Namasiko unophiko lwezilimi lapho kufuneka khona abantu abakwazi ukutolika nokuhumusha izilimi kanye nabakwazi ukukhuluma ngezandla (Sign Language).

"Kulo Mnyango Wezobuciko Namasiko sigqugquzela ukuthi abantu bafundele nokukhuluma ngezandla ngoba thina bantu esicabanga ukuthi asikhubazekile, asiziboni ukuthi sikhubazekile ngokungakwazi ukuzwa uma sekukhulunywa ngezandla", kuchaza uNgqongqoshe.

Ubuye wagquqquzela nendaba yokubhalwa kwemilando, izincwadi eziqukethe izinkondlo, izindatshana kanye nezindaba ezinde.

Uthi uMnyango Wezobuciko Namasiko unophiko olubhekelele izilimi lapho ukubhalwa kwezincwadi kugqugquzelwa futhi noxhaso kuyenzeka lutholakale.

Ubuye wasukumisa nezikhulu eziphethe isifunda soMnyango Wezobuciko eningizimu wazijuba ukuthi zilekelele umphakathi.

Usole umphakathi ngokuthi ujaha amathuba okuvele sekunabantu abaningi kuwo, uyeke lawo ayivela kancane. "Odabeni lwenkundla yezemidlalo ngijuba izikhulu ezibhekele ezemidlalo ezikhona la phakathi kwethu ukuthi zibuye ngokushesha zizolungisa inkundla ukuze ingabi nezigodi futhi ibe sezingeni elifanele", kusho uNgqongqoshe. Phakathi kwezindawo ezivakashelwe uMaSithole Moloi kubalwa nezikole ezimbili zendawo okuyiNkanyezi YaMachi Primary School kanye neMdlangathi Hign School.

UNgqongqoshe uncome isikole samabanga aphansi ngezinga lenhlanzeko nokunakekelwa kwesikole. Abaphathi besikole babe sebebikela uNgqongqoshe ukuthi isikole sathuthukiswa ngonyaka wezi- 2012 kodwa kuze kube manje izingane zisampintshene emagunjini okufundela ngenxa yokuthi amagumbi amasha awakanikezelwa ngokusemthethweni esikoleni.

Abebemele uMnyango Wezemfundo kudingeke ukuthi bachaze ukuthi yini evimbile ngoba ukwakhiwa kwamagumbi amasha sekuqediwe. Phakathi kwezinto abazibalile kube ukuthi isikole sabuye sapheshukelwa uphahla, kwathathwa imali yokuthenga amapayipi okukhongozela amanzi emvula, kwabe sefulelwa kabusha.

UNgqongqoshe uthembise ukuthi



*UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi*

uzokulethulela uzakwabo wezemfundo uMnuz. Mthandeni Dlungwane udaba lokushaya ngonyawo lonwabu ekuvulweni kwamagumbi okufundela amasha nokwentuleka kwezinsizakufunda, okungamakhompyutha nokunye.

Nokho uphume ephoxekile yindlela esiphethwe ngayo isikole samabanga aphakeme iMdlangathi esehlelwe yizinga lokuphumelela kwabebanga leshumi nambili kanti sinjalo nje asihlanzekile.

# UNgqongqoshe weZobuciko, Amasiko, eZemidlalo nokungcebeleka uzivocavoce nabasoPhongolo

Umphakathi waseLubisi oPhongolo enyakatho yeKwaZulu-Natali ugqugquzelwe ukuthi wenze ezemidlalo kanye nezobuciko zibe yimisebenzi ongaziphilisa ngayo, ukuze uxoshe ikati eziko.

UNgqongqoshe walo mnyango uNkk Bongiwe Sithole-Moloi utheleke kule ndawo wajoyina umphakathi obuzivocavoca.

UMaSithole Moloi ubephelezelwa yimeya yendawo nezikhulu zeminyango yakhe yomibili.

Kushikishe ufudu, kwajuluka umuntu ngesikhathi kuqhubeka ukuzivocavoca.

UNgqongqoshe ube esenikela ngejezi lebhola emaqenjini abebambe iqhaza emqhudelwaneni womkhumulajezi kule ndawo. Uye wanikela nangomshini wokuthunga kowesifazane wasendaweni.

Ube esegqugquzela ukuthi abantu abangabi nomkhuba wokubukelana phansi ngokuba uma bebona imisebenzi yezandla eyenziwe abantu ababaziyo bendawo bayizibe bangayithengi.

"Njengalokhu amaciko aqopha imvunulo nachucha ubuhlalu ekhangise imisebenzi yawo lapha, kufanele sonke sithenge singalokuthi sifuna izephulelo ngoba siyobe siyabawisa abangamaciko ethu", kuchaza uNgqongqoshe. UNgqongqoshe uMaSithole Moloi uye waveza nokuthi uMnyango wakhe Wezobuciko Namasiko usuxoxe noMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho ukuthi njalo uma kunezingqungquthela nemihlangano emikhulu ezindaweni ezifana naseNkosi Albert Luthuli ICC eThekwini, kube nendawo yokukhangisa ngobuciko bezandla. Ube esecela amaciko ukuthi akhuphule izinga lomsebenzi, angalinge azibukele phansi ngoba kuyaphileka ngobuciko, kanti umsebenzi wawo ungagcina sewuheha ngisho abathengi baphesheya kwezilwandle abasuke beze ezingqungqutheleni ezifana nalena yezamanzi esanda kubanjwa eThekwini. Ubuye wagxila ekukhumbuzeni umphakathi ngokuziphatha ngokuhloniphana phakathi kwabadala nabancane.

Uxwayise abazali ngokuziphatha budedengu phambi kwezingane kanye nokuklwebhana phambi kwabantwana. "Uma abazali behlala ngokuthukana nokubiza izingane zabo ngamagama ayinhlamba, lokho kutshala umoya wobuhlongandlebe ezinganeni ezisakhula", kusho uNgqongqoshe uMaSithole Moloi.



*UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi oPhongolo*



*Imibukiso yemisebenzi yezandla oPhongolo*



> **"Umbuzo ohlala ungihlupha ukuthi lezi zigebengu nabantu abadayisa izidakamizwa bavelaphi, ingabe bangabantu abangaziwa, manje senifuna ukuthi kufike uhulumeni azobaqoqa abakhiphe endaweni kodwa nina nihleli nabo."**

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

# UNGQONGQOSHE WETHULELA ISIGQOKO OTHISHANHLOKO BEZIKOLE ZASESIFUNDENI UGU

**MELBA NZIMANDE**

Ukugubha uSuku Lwamalungelo Abantu kanye neNyanga yamaLungelo Abantu, mhla zingama-22 kuMbasa wezi-2017 uNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi yoMphakathi, uMnu Ravi Pillay ehambisana nalabo asebenzisana nabo eminyangweni yakhe bendawo uhambele izikole ezimbili ezikuwadi 8 kuMasipala uMuziwabantu ngaphansi kweSifunda uGu.

Uye wahambela izikole iGayiga Primary kanye neJolwayo Secondary okuyingxenye yohlelo lukahulumeni lokuqinisa kanye nokuletha uzinzo ngokubakhona kohlelo i-Operation Sukuma Sakhe (i-OSS). Lolu hlelo luyindlela yokuxhumana phakathi komphakathi kanye nohulumeni bezindawo ukuze kuliwe nezinkinga eziqubukayo.

'I-OSS' seyenze okukhulu okuncomekayo kwezemfundo ekuqinisekiseni ukuthi intsha yaseNingizimu Afrika ithola imfundo ukuze ibe nekusasa elingcono. UNgqongqoshe uqale ngokuvakashela eGayiga Primary lapho efike wahlabeka umxhwele ngobuholi bukathishanhloko wakhona, uNkk. Sikhosane.

Uqalise eziningi izinhlelo lezi eziqondene nabafundi, esingabala, isikhungo esibhekele ukunakekelwa kwamazinyo sabafundi basemazingeni aphansi lapho befundiswa ukuxubha amazinyo ngisho nangesikhathi besesikoleni kanjalo nohlelo lokuphakelwa kwabafundi, olusiza abafundi ukuba badle ukudla okunomsoco esikoleni.

UNkk. Sikhosane futhi uqalise nohlelo olumaqondana nabafundi olubhekane nezinye zezinkinga ezikhungethe umphakathi, ngokugxila ikakhulu ezinganeni ezidla izidakamizwa kanye nophuzo oludakayo, ukukhulelwa kwentsha kanye nokungangeni kwamafundi emakilasini ngesikhathi sokufunda.

Ufake ugqozi ekuhleleni nasekusingatheni ukuhlinzekwa kwabafundi abangamantombazane ngemisebenzi (sanitary pads), ikakhulukazi labo abaswele ngempela. UMnu Pillay umbonge wangaphezi uthishanhloko ngokuthanda isikole sakhe.

Uye wamtusa yena nethimba lakhe wabe esethi, "yizinto ezinjena-ke ezifaka ugqozi lokwenza kahle kubafundi".

Ohambweni lwesibili amabombo alibhekisa eJolwayo Secondary lapho ithimba lahlabeka umxhwele ngezinga lentshisekelo kanye nenkuthalo kathishanhloko, uNkk. Mnini. Onokwesekwa okumangalisayo akuthola emphakathini kanjalo nakumalungu eSigungu Esilawula Isikole. Izinga lokuphaswa kwe-maths lenyuke lisuka kuma-15,31% wangowezi-2015 lafinyelela kuma-71,43% onyakeni wezi-2016. UNkk. Mnini uthe ngonyaka wezi–2017 isikole sihlose ukuzuza ama-100% okuye kwathokozisa uNgqongqoshe kanye nazo zonke izimenywa ebezikhona.

Nakuba zombili lezi zikole zibe nezinselelo ezizethulile, bobabili othishanhloko banezinhlelo eseziqalisiwe ukubhekana nalezo zinselelo. Kuye kwaqinisekiswa ukuthi zombili lezi zikole ziqinisa ubudlelwane bazo neminye iminyango kahulumeni futhi lokhu kubonakala kuyindlela esebenzayo yokuxazulula izinkinga eziningi.

Usuku lwaphetha ngokuba kuhlanganwe nomphakathi lapho umphakathi watheleka ngezinkani wabamba iqhaza ngenkathi uNgqongqoshe exoxisana nawo, kanti nawo wambikela ngalokho okuwukhathazayo. Zashuba impela izinkulumo-mpikiswano ngenkathi umphakathi uveza ilaka lawo, kepha uNgqongqoshe wabaqinisekisa bonke ukuthi athi "sethembekile kubantu bethu; ngokubambisana nabantu bethu siqhamuka nezisombululo".

Wazibophezela futhi ngokusebenzisana nomasipala uzozisukumela zonke izikhalo eziphakanyisiwe, okungukuthi izimpendulo zonke bayoziyothola ngasekupheleni kukaMbasa wezi-2017.



*UNgqongqoshe Ravi Pillay ebongela uNkk. Sikhosane (ngenhla kwesokunxele) enza okufanayo nakuNkk. Mnini, uthishanhloko waseJolwayo Secondary (ngenhla kwesokudla)*



*Umphakathi ugcwele phama ulalele inkulumo kaNgqongqoshe Ravi Pillay*

# UNgqongqoshe Pillay ufeze izithembiso kubahlali base Ghostown

**SIYABONGA SIGWEBELA**

Injabulo ibibhalwe ebusweni kwizakhamizi zase Ghostown, kuWadi 03 kumasipala waseMuziwabantu ngesikhathi bethola amatayitela abo. Ikhansela eselashona uKhansela Ace Houston wadlala indima enkulu ukuze lomphakathi uwathole lama tayitela. Lituswe kakhulu igalelo lakhe ekulweleni umphakathi ayewuhola, lokhu kufakazelwe nayizikhulumi ezehlukene ebezishiyelana inkundla emcimbini wokuwedlulisela kuwo umphakathi amatayitela. Ngesikhathi uNgqongqoshe Pillay eze emngcwabeni kakhansela Houston ngo Zibandlela ngonyaka ophelile, wathembisa ukuthi uzolusukumela udaba lwama tayitela akulewadi. Nembala usifezile isithembiso asenza ngoba izakhamizi ziwatholile amatayitela azo.

UNgqongqoshe Pillay uthe, "Ngimhlonipha ngendlela eyisimanga uMnumzane Houston ngoba ubewusebenzela umphakathi abewuhola.

Ubengasebenzeli umphakathi asondelene nawo kodwa ubeyisebenzela yonke iwadi.



*UNgqongqoshe Ravi Pillay nezakhamizi zaku Wadi 03 ngaphansi komasipala uMuziwabantu bejabulela amatayitela*

Izithelo zalokho ukuthi nakwaMazakhele kukhona okwenziwayo, okungukwakhiwa kwesigaba sesithathu osekuqaliwe. Sikhuluma nje izisekelo zezindlu ziyabonakala asikhulumi ukuthi kusazoqalwa kodwa kushunqa uthuli kuyakhiwa". "Uhlelo lokunikezela ngamatayitela luseqhulwini lwezinhlelo zoMnyango wezokuHlaliswa kwabantu nesikholelwa ukuthi lokhu kuzokwenza ukuthi abantu babuyelwe isthunzi sabo", kunaba uNgqongqoshe Pillay.

UNgqongqoshe uPillay uphinde wakugcizelela ukuthi nomphakathi waselokishini elaziwa ngokuthi KwaMbonwa nawo uzohlomula ngamatayitela awo inqobo nje uma sekuqedwe yonke imigudu okufanele ilandelwe uma kuzonikezelwa ngamatayitela.

Uwucelile umphakathi ukuthi ulinde, ubekezele ngesineke, wathi nakuwo sekusele kancane kulunge. UPillay uqhubeke wathi ukuthola amatayitela akuqinisekisi ubunini bomuzi kuphela kodwa nesithunzi siyabuya.

Uthe abantu kumele bawaphathise okwezikhali zamaNtungwa lamatayitela ngoba zizokwanda izilingo zokusebenzisa itayitela ukutsheleka imali emabhange nakomashonisa befuna ukwenza izinto ezingenasidingo.

"Kumele niqinisekise ukuthi uma ninezingane niyacacisa ukuthi umuzi uzosala kubani uma seningasekho ngoba sekuke kwaba nezigameko lapho uma umnikazi womuzi eseshonile, usale ubangwe umuzi,"kusho uPillay.

UNgqongqoshe Pillay uphethe ngokunxusa umphakathi ukuba uyiphathe kahle imizi yabo ngoba njalo ngonyaka liyakhula inani lentengo. Uthe alifani nelemoto yona othi uphuma ngayo egaraji ibe yehlelwa yintengo yayo noma ngabe uyiphatha kahle.

UPIllay uvale ngokuthi anxuse umphakathi wakwa Mazakhele ukuthi ube yingxenye yohlelo lokwakhiwa kwezindlu kwaMazakhele nanokubamba iqhaza ngokubika inkohlakalo yanoma iluphi uhlobo abayibonayo.



**"Ngimhlonipha** ngendlela eyisimanga uMnumzane Houston ngoba ubewusebenzela umphakathi abewuhola."

UNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi uMnu Ravi Pillay

# BABIZWE NGEZISHOSHOVU ZEZOLIMO BETHWESWA IZIQU E-OSCA

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Banxuswe ukuba basebenze kakhulu kunakuqala abafundi asebephothulile izifundo zabo eKolishi lezoLimo i-Owen Sithole njengoba sebephumile esikoleni sekufanele bebhekane ngqo nokwenza umsebenzi wabo endimeni yezolimo.

Lokhu kushiwo nguNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz uThemba Mthembu emcimbini wokwethweswa kweziqu abafundi baleli kolishi abangama- 46 abaphothule nyakenye izifundo zabo emikhakheni eyahlukahlukene yezolimo.

UMngqongqoshe uMthembu, uthe kumkitaza izibilini ukuba kulomcimbi wokwethweswa imiyezane abafundi asebelungele ukuyosebenzisa ulwazi namakhono abo kwezolimo.

"Bakwethu, angikwazi ukuyifihla injabulo yami, kufanele ngikuveze ukuthi ngizizwa ngingumzali oqotho namhlanje. Inhliziyo yami ngiyizwa ithokomele kakhulu ngokuba kulomcimbi obaluleke kangaka njengoba namuhla intsha yethu izonikezwa izikhali zayo ze iqale ukusebenzisa amakhono nolwazi eluhlomulile kulelikolishi. Ikakhulukazi amakhono nolwazi okuzosiza ekuthuthukiseni imboni yezolimo esifundazweni nasezweni lonke," kusho uMvelase.

UMthembu uchaphune amazwi alowo awayenguMongameni wakuleli osewashona, uDkt. uNelson Mandela lapho lengqalabutho yayithi imfundo yisona sikhali esinamandla esingasetshenziselwa ukushintsha umhlaba. UMvelase uthe sekuyisikhathi sokuthi lezifundiswa zihambe ziyosebenzisa ulwazi ezinalo ukuze zizithuthukise, ziphinde zithuthukise imindeni yazo, imiphakathi, isifundazwe kanye nezwe lonke.

UNgqongqoshe uthe njengoba lelizwe lisanda kuphunyula emlonyeni wengwenya lapho belicindezelwe ngabasobokoci ngobandlululo nobukoloni ababehlose ngakho ukuqinisekisa ukuthi izingane zabantu abampisholo aziyitholi imfundo ezokwenza zithuthuke zona kanye nemindeni yazo.

UThishanhloko waleli kolishi, uMnuz uSiyabonga Mazibuko uthe lisebenza ngokuzikhandla ekukhiqizeni abafundi abazokwazi ukuphuma befukule imiphakathi yakubo, wancoma negalelo lamanyuvesi kanye nezimboni ababambisene nazo ekuqeqesheni abafundi. "Lelikolishi lethu lisebenza ngendlela eseqophelweni eliphezulu ukuqinisekisa ukuthi sikhiqiza izifundiswa ezinolwazi olinzulu.

Ngingelibale-ke ukubonga iqhaza lalabo esibambisene nabo ekucijeni abafundi njengeNyuvesi yakwaZulu oNgoye, yiNyuvesi yakwaZulu-Natali kanye no Tongaat Hulett," kwenaba uPhuthini. Lo mcimbi ubuye waba nesigaba sokuklonyeliswa kwabafundi abenze kahle ezifundweni zabo ngezindondo nalapho kubonakale uMnuz Chad Stuart-William ezidlela amahlanga emikhakheni eminingi. Imiklomelo ibimi kanje: iBest Student in Horticulture exhaswe yi-Buyer, ithathwe nguMnuz uBongamandla Simelane, Best Student in Plant Production exhaswe ngabakwaMONSANTO yathathwa nguMnuz uMalusi Zulu, Best Student in Agronomy exhaswe ngabakwaPANAAR yona yahamba noNksz Nokulunga Zibani.

I-Best Student in Food and Nutrition exhaswe ngabe Innovative Catering, kanye ne Best Student in Animal Production: Non Ruminants yona exhaswe yi-INTRAVET, zombili ziqukulwe nguMnuz uNicholus Sikhakhane. I-Best Student in Land Use Planning exhaswe yi-Hillside Aluminium, Best Student in Human Resource Management ngoxhaso lwe-Koranteng Family, Best Student in Civil Engineering ngoxhaso lwe-uMhlathuze Water, Best Student in Forestry ngoxhaso lwabakwa Mondi kanye ne Dux Student in Agriculture: Dupont Pioneer Trophy- Best Student in Animal Production, zonhlanu zashaqwa nguMnuz uChad Stuart-William. I-Principal's Special Award yona kwahlonishwa ngayo uNksz uMthembu Nondumiso.

UNgqongqoshe uMthembu egqugquzela lezitshudeni uthe kufanele zizithathe njengezishoshovu ezizolwela ukwenza ngcono impilo yabantu bakulesi sifundazwe ngezolimo.

Uphinde wathi kungumsebenzi wakhe ukubasiza ekucabeni indlela eya phambili. "Ngikubona kungumsebenzi woMnyango wethu ukuneseka endleleni ebheke phambili njengoba ngithanda nokunigqugquzela ukuthi nivakashele i-website yoMnyango lapho nizothola khona uhlelo lwe Unemployed Agricultural Graduate Youth Programme," Kusho uMthembu. Uthe lolu hlelo lubahlinzeka ngolwazi lokubeseka embonini yezolimo. Uveze nokuthi loluhlelo luhlinzeka nangezinhlelo ezifana nokuqeqeshwa ngokwamakhono.



*Kusuka kwesokunxele yiNhloko yoMnyango, uMnuz Siphiwe Mkhize, umfundi wase-Owen Sithole College of Agriculture, uSnenhlanhla Mntambo, uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Themba Mthembu, neSikhulu esiphezulu eMnyangweni, uNkk Nomvuzo Mkhize.*
***Isithombe: MBUYISELO NDLOVU***

# Kubhekwe lukhulu ngesivumelwano sezohwebo phakathi kwe-China ne-KZN

**SIMPHIWE NDWANDWE**

**ISIFUNDA** esiqavile eChina esibizwa ngokuthi yi-Dongguan sisembhidlangweni wokwakha ubudlelwano nesiFundazwe saKwaZulu-Natali ngenjongo yokuba kuhwetshelwane ngemikhiqizo yezolimo nemvelo.

Lokhu kuvele emhlanganweni obuyinguyazana obubanjelwe esikhungweni soMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya muva nje eCedara.

Leli thimba ebeliholwa yisikhulu saseDongguan, uMnuz Yan Calvin, libeke konke ebelikuzele ezithebeni kwase kuba yithimba loMnyango wezolimo osekumele lithathe isinqumo mayelana nendlela ebheke phambili. Okuyikhona okufunwa ngamaShayina uhwebo lwenyama ebomvu ikakhulukazi izinkomo ezifuywa emakhaya hhayi lezi ezikhuliswa ngendlela yesilungu. Okunye abathe bafuna kuhwetshelwane ngakho yimikhiqizo yenhlaba okungaba yijuzi, amafutha okugcoba isikhumba akhiwe ngenhlaba kanye nayo yonke imikhiqizo yamaganu ngaphandle kotshwala. Lesi sikhulu sithe bafuna ukuthi kuphinde kuhwetshelwane ngezilwane zasendle njengalokhu isiFundazwe saKwaZulu-Natali sinesiqiwu esikhulu abakholwa ukuthi uma kungaba nobudlelwano kungasetshenzwa into ecacile ngisho nakulolu hlangothi lwezomnotho weziqiwu.

Ukuthinteka kwenyama yezinkomo zasemakhaya yikhona okuhlabe kakhulu umxhwele ithimba loMnyango ebeliholwa nguDkt Dumisani Mtshali. Lokhu uMtshali uthe bakholwa ukuthi kuzovula iminyango yezohwebo ezonika abantu basemakhaya iqatha elinonile kwazise idolobha iDongguan lakhelwe yizakhamizi ezingaphezulu kuka-106 million.

Lokhu kusho ukuthi mkhulu kakhulu umsebenzi ohlalele abafuyi ngoba uma kuhanjiswa imikhiqizo kuleliya lizwe kudingeka kuhambe amathani ngamathani enyama hhayi nje imithonseyana.

Nabaqoqa amaganu bazohlomula ngezinga eliphezulu kakhulu uma imikhiqizo yabo igcina ifinyelele kuleli lizwe elingamanye ahamba phambili kwezomnotho emhlabeni. Emhlanganweni obuphakathi kwethimba lakuleliya lizwe nelomnyango muva kuvele ukuthi lesiya siFunda sizimisele ngokuba kube nobambiswano lwezohwebo olubanzi phakathi kwalezi zimhlangothi. Uma konke kugcine kuhambe ngononina kuyosho ukuthi abafuyi bezinkomo emiphakathini yabamnyama bazodla kahle kwazise leliya lizwe lifuna ngabomvu imikhiqizo yenyama yenkomo efuywa emakhaya. Konke sekusezandleni zikaHulumeni wesiFundazwe njengalokhu kuyiwona okumele ubheke ngeso elibanzi nelijulile ukuthi akukho yini ukushayeka ngemfe iphindiwe okungehlela abantu baKwaZulu abangabafuyi.

Okunye kungaba ukubheka ukuthi isivumelwano sokusebenzisana siyahambisana yini nezinjongo zikaHulumeni zokufukula abantu abamnyama abasadonsa kanzima emkhakheni wezolimo. UMnuz Calvin uthe kunemali eyizigidi ezinhlanu ebekwe eceleni ngenhloso yokuthumela osomabhizinisi bakuleli kulesiya siFunda ukuze bayokhangisa ngemikhiqizo yabo kubantu bakhona. Lokhu akungatshazwa ukuthi kuzovula amathuba amahle ezomnotho kubantu baKwaZulu-Natali abanobuchopho obubukhali kwezamabhizinisi. Njengalokhu uMnyango ngokulawulwa nguNgqongqoshe wawo uMnuz Themba Mthembu usembhidlangweni wokufukula abantu basemakhaya nje leli yithuba lokuthi bangene bathi shi emnothweni obanzi ongenza ziqubuke izindawo zasemkhaya. UMtshali uthe uma konke kuhamba ngononina kuyosho ukwelapheka kwesilonda esidala sokwentuleka kwezimakethe zomnotho kubantu bakithi abangabalimi abasafufusa.

Okunye okuhlabe umxhwele ukuthi leliya thimba lithe alinayo imicikilisho eminingi eliyifunayo, ngakho imigoqo eyejwayelekile yamakhwalithi emikhiqizo aphezulu kakhulu alizukugxila kuwo ngoba iyisithikamezo esicindezela abampofu.




*Isikhulu esiphezulu eMnyangweni wezoLimo, uDkt Dumisani Mtshali, nombusi waseDongguan eChina.* ***Isithombe: MBUYISELO NDLOVU***



**"Kungikitaza izibilini ukuba kulomcimbi wokwethweswa imiyezane abafundi asebelungele ukuyosebenzisa ulwazi namakhono abo kwezolimo."**

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu

# BAHLONISHWE NGEZINDONDO EMCIMBINI WOKUTHWESWA IZIQU ABAFUNDI BASEKOLISHI LEZOLIMO

**SINDY MLOTSHWA**

Inhlokomo nenjabulo emcimbini wokuthweswa kweziqu abafundi abaphothule izifundo zabo zolimo nyakenye ekolishi lezolimo eliseCedara eMgungundlovu. Lendumezulu ebisehholo iCentenary khona eCedara, ibihlelwe yileli kolishi elingaphansi koMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali. Lomcimbi ubuhanjelwe yiNhloko yaloMnyango uDkt uSiphiwe Mkhize, abazali babafundi kanye nezivakashi ebezimenywe ukuzogqugquzela abafundi kulomkhakha.

Abafundi bebeneme kukhombisa ngokusobala nje ukuthi bajabulela umvuzo wezithukuthuku zabo zokusebenza kanzima kuleminyaka emithathu eyedlule. Kulomcimbi bekukhona nabafundi abangu -12 abebefunda eNyuvesi yaKwaZulu-Natali njengoba ibambisene nalo leli kolishi kuwo umkhakha wezolimo kanti abangama- 32 bekuyilabo abebefunda khona eCedara.

Phakathi kwezimenywa ebezihambele lomcimbi, kubalwa noNksz uDimakatso Sekhoto ongumlimi osemnkanta ubomvu endimeni yezolimo njengoba afundela zona ezolimo kanti nakubo kwakuvele kunepulazi okuyilona agcina esesebenza ngalo, walithuthukisa. Lentokazi esencane iveze nokuthi yasungula inhlangano ebizwa ngokuthi yi-AFASA Youth National ehlanganisa intsha ezimisele ngezolimo icobelelane ngolwazi lokulima, yanxusa ukuthi nalaba ebebethweswa iziqu bezeyamanise nayo.

USekhoto egqugquzela abafundi uthe akudingi ukuthi uze ube mdala ukuze wazi ukuphatha ipulazi, kuphela kudingeka ube nolwazi olwanele. Uqhube ngokukhuthaza ukuthi njengoba sebephothulile iziqu zabo bengahlali nje phansi, kodwa baqhubeke befune ulwazi baphinde baxhumane nabantu ukuzakhela udumo kwezokulimo.

Kulomcimbi kubuye kwaklonyeliswa abafundi abenze kahle ezifundweni zabo ngezindondo. UMnuz uSiyabonga Mabaso ongomunye wabafundi abebefunda khona eCedara, ukhale wemuka nezindondo ezine emikhakheni eyehlukene.

UMabaso uhlonishwe ngendondo kulemikhakha: Illovo Sugar Trophy- Best Dux Student, Agelek Trophy- Best Student in Mechanical Engineering, South African Sugar Association Trophy- Best Student in Civil Engineering kanye naku Du Pont Pioneer Trophy- best student in crop production. Ezilhulumela uMabaso uthe:

"Ngingakujabulela ukuthi sithole iphrojekthi njengabafundi asebeqedile esingasebenzisana nayo kanye noboMnyango ukuthi sithole ukucobelelwa ngolwazi esinalo kwezokulima, lokho kungasilekelela njengendlu emnyama singakwazi ukuthi siqhubeke siye phambili kwezolimo," kusho uMtungwa.

INhloko yoMyango uDkt. uMkhize, uhalalisele abafundi ngomsebenzi omuhle noncomekayo waphinde wazwakalisa nokuziqhenya kwabo njengoMnyango ngalabafuthi abakhetha lomkhakha wagqugquzela nokuthi behambe beyosebenzisana neniphakathi ukuze ithuthuke kwezolimo nakwezomnotho.

"Ikoloshi lethu libamba elikhulu iqhaza ekubhekaneni ngqo nezingqinamba ezibhekene noHulumeni okuwububha, ukungalingani kanye nokuntuleka kwamathuba emisebenzi. Siyaziqhenya-ke ngani futhi siyethemba ukuthi nizolekelela ukufukula imiphakathi yasemakhaya ngezolimo ukuze iphunyule engxavuleni yalezinkinga engizibalulile," kusho uKhabazela ngokwenama. Eqhubeka uDkt. uMkhize uthe ikolishi lase Cedara libuye lilekelele kakhulu ekufukuleni umnotho wezindawo zasemakhaya ikakhulukazi emfuyweni nangezolimo ezinhlobonhlobo.

# Kukhuzwa ukuxhashazwa kwabasebenzi basemapulazini e-Newcastle

**LONDIWE NGIDI**

**BABUYELWE** yithemba abasebenzi bepulazi elaziwa ngokuthi yi-Normandien Farm ngenkathi UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi zaseMakhaya, uMnuz Themba Mthembu, esukumele phezulu ukuyolalela izikhalazo nokulamula isimo ebesimanzonzo phakathi kwabasebenzi nomqashi.

Leli pulazi liseNewcastle enyakatho ntshonalanga kanti likhiqhiza amanzi okuthiwa i-Thirst. Isimo besishubile kuleli pulazi laseNormandien, abasebenzi nabahlali ababalelwa ku-200 bebebambe isiteleka esilokhe saqala ngomhlaka 06 March 2017.

Laba basebenzi baxoshwe umqashi wabo ngenxa yokuba ingxenye yeNyunyana ebifuna bakhushulelwe umholo. Labasebenzi bazithola sebehlala ehlathini njengoba ebakhiphe nasezindlini abahlala kuzona.



UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Themba Mthembu, ngesikhathi ehambele epulazini i-Normandien elinezinkinga zokuhlukunyezwa abasebenzi. **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

Bahlukumezekile futhi abagculisekile ngendlela lo mqashi angawahloniphi ngayo amalungelo abo. USbu Zwane okhulumela abasebenzi uthe: "Abasebenzi sebehlukumezeke iminyaka engu-20 ngaphandle kwesixhazululo.

Umholo esiwuholа kuleliplazi u-R2100 omncane kakhulu mawubheka indlela lomsebenzi esiwenzayo osikhandla ngayo, kanti futhi kumele siphinde sibhekelele ukondla nemndeni yethu kuwona." Bangena esitelekeni nje umqashi uphinde wathatha izinkomo zabo ezingaphezu kuka-300 waziyisa ephawundini ngoba ethi ziqeda amadlelo.

Leli cala langena enkantolo lamlahla umqashi kodwa azikaze zibuye izinkomo zabantu.

Lokhu sekwenze isimo sokuphila sibenzima kakhulu kubahlali njengoba bengakwazi nokuthumela imali ezinganeni zabo ezisemaNyuvesi.

Umqashi uMnu Lawrence Houston uyaziphika zonke izinsolo abekwe zona. Uthe: "Angikaze ngixoshe muntu, Laba basebenzi bazihambela bona epulazini.

Kuyacaca ukuthi abasawufuni umsebenzi yikho behleli ehlathini." UMthembu asimujabulisanga neze lesimo asifice eNormandien. Uthe: "kuyamangaza ukuthi kusakhona indawo eNingizimu Afrika esiphila ngaphansi kobuqgila obunje.

Lokhu ukuhlukumezwa kwamalungelo abantu nokuhlukunyezwa ngokusabiswa, asihambisani nakho njengoMnyango wezoLimo."

Uthembise ukuthi uzohlanganisa ithimba eliqhamuka eMnyangweni wezoLimo, uMnyango wokuBuyiswa kweMihlaba, uMnyango wezokuPhepha nokuVikela, uMnyango wokuThuthukiswa koMphakathi, uMnyango waMalungelo Abantu kanye noMvikeli woMphakathi ukuze uzohlola isimo kule ndawo uphinde uhlanganise umbiko ogcwele ozosiza ukuqhamuka nezixhazululo.

Unxuse umphakathi ukuba ungathathi umthetho ezandleni zawo ngenkathi usaqhubeka nombhikisho.

> *"Kuyamangaza ukuthi kusakhona indawo eNingizimu Afrika esiphila ngaphansi kobuqgila obunje."*



# UKAUNDA UPHENDULE NGOKUSHESHA KUBAFUNDI BASEHARDING

NONHLANHLA NDWANDWE noMABUYI MKARRY



Sifezeke ngokushesha okukhulu isithembiso sikaMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda sokunikezela ngamabhayisikili kubafundi bamabanga aphansi eHarding eningizimu yesifundazwe.

UMphathiswa ukwenze lokhu ngemuva kweviki elilodwa ezibophezele ngenkathi ehambele kule ndawo ngaphansi kohlelo lukaHulumeni wesifundazwe i-Operation Sukuma Sakhe (OSS).

Ngaleyo nkathi uthishanhloko wesikole iKubhudlu Primary uNks BP Mfeka waveza ukuthi abafundi bathwele kanzima njengoba behamba amabanga amade nangaphezulu kwamakhilomitha angu-15 ukuya esikoleni.

"Isikole sethu kasihlinzekwanga nguHulumeni ngezokuthutha, i-scholar transport, nokwenza ukuthi izingane zigcine sezihamba ibanga elide zifike sezikhathele esikoleni kuthi kuqala ukufunda zivele zizele zilale," kusho uMfeka.

Abafundi abahlomulile ngabasezikoleni iSutton Primary, iKubhudlu Primary neHafuleni Primary."Lokhu sikwenza ngoba kunesidingo sokuthi umfundi ngamunye kumele afike esikoleni ngesikhathi, engakhathele ukuze akwazi ukusebenza ngendlela athole imiphumela emihle.

"Ukugibela ibhayisikili akuzusiza kuphela abafundi ngokuthi basheshe bafike ezikoleni kodwa kuzobuye kwenze nokuthi imizimba yabo ihlale ihlelekile futhi inempilo," kusho uKaunda.

UMphathiswa uphinde wathula uhlelo lokulungisa kabusha imigwaqo uP59, P61 noP417 kule ndawo. Lokhu ukwenze ngaphansi komkhankaso awuqhubayo obizwa nge "Operation Siyahlola", lapho ebheka yonke imisebenzi eyenziwa umnyango wakhe ukuthi iqhubeka kanjani. Imali efakwe kule misebenzi ingu-R116 million - uP59 uzodla R59 million, uP61 kube ngu-R39 million noP417 wona ube ngu-R18 million. Echaza ngokulungiswa kabusha kwemigwaqo, uKaunda uthe umgwaqo ngokonjiniyela unesikhathi sokuphila (lifespan) esiyiminyaka engu 25.

"Eminye eyitiyela kutholakala ukuthi ayisakwazi ukupheshwa kodwa sekudingeka ligugulwe itiyela liqalwe kabusha.

Ngakho-ke esikhwameni esincane esabelwa sona njengoMnyango kudingeka sibe nemali eningi futhi yokubhekela lo msebenzi esifundazweni sonke," kubeka uKaunda. Ube esebongela imiphakathi ukuthi ama-project anjengalawa alekelela kakhulu nangamathuba emisebenzi nokuthuthukiswa kwamakhono kubantu bendawo.

"Nasohlangothini lwentsha siyaqhubeka nezinhlelo zama-learnership ngaphansi kweNational Youth Service (NYS) lapho osonkontileka kumele banike amathuba abafundi ukuze bathole ulwazi lomsebenzi.

Kule misebenzi nje sibheke ukuthi babe ngaphezulu kuka-30 abafundi abazohlomula," kuphetha uKaunda

# Kukhuthazwa intuthuko yezomnotho emphakathini oPhongolo

Sinohlelo lwe-Operation Vula lapho siqinisekisa ukuthi amabhizinisi asafufusa ayahlomula kakhulu njengohlelo lokuvalwa kwezikhinsi emigwaqeni, lokhu sekuqalile eThekwini

AKHONA DLAMINI

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ubehambele indawo yaKwaLubisi, oPhongolo ngaphansi kohlelo lwe "Operation Siyahlola" lapho kubhekwa khona yonke imisebenzi yokuthuthukiswa kwengqalasizinda eqhubekayo. Lapha uKaunda ubekhuluma ngezinhlelo zokukhuliswa komnotho kanye nezinye izinto ezithinta ukwenziwa ngcono kwezimpilo zabantu bakule ndawo. "Imisebenzi esize ngayo lapha ihlukene kabili, njengoba nami ngiphathiswe iminyango emibili owezokuThutha nowokuPhepha koMphakathi. Namhlanje sizokuvula ngokomthetho isigaba sokuqala somgwaqo u-D1867 esingu-6 km nesesifakwe itiyela ngemali engu-R64 million. Lo mgwaqo usuka ku-N2 lapha oPhongolo uze uyoxhuma ku-P271 ngaphansi kukaMasipala waseDumbe. Umsebenzi uqhubeka kahle njengoba silindele ukuwuqeda kule minyaka yezimali emibili ezayo u-2017/18 no-2018/19. Lo mgwaqo uzokuba ngamakhilomitha angu-17 ubude uma usuqediwe, kanti isiyonke imali esiyibekele wona ibalelwa ku-R213.69 million," kusho uKaunda. Ukwakhiwa kwalo mgwaqo kuzohlomulisa kakhulu imiphakathi yaseNsilingwane, KwaLantshi naKwaMsibi, ikakhulukazi nabafundi abazosizakala ngokufinyelela kalula ezikoleni eLanga Junior School, Lalela Junior Primary School, Siyeza Primary School naseBambanani High School. Abantu bazosizakala futhi uma beya eTobolsk Clinic.



*UMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, iMeya kaMasipala wasoPhongolo uKhansela uBawinile Nhlabathi kanye nezinye izikhulu zendawo ngenkathi behambele indawo yasoPhongolo ngaphansi kohlelo lwe-Operation Siyahlola.* ***Isithombe:*** ***ZINGISA HLATHI***

Kule project ka-D1867 kulindeleke ukuba kudaleke amathuba emisebenzi abalelwa ngaphezulu kuka-230 uma usuphothulwa ngo-2018/19.

Kuyimanje angaphezulu kuka-60 amathuba asedalekile.

UKaunda uphinde wachaza kabanzi ngohlelo lwe-Radical Economic Transformation, lapho kugxilwa khona ekuletheni izinguquko ezinqala kwezomotho.

"Njengoba uMengameli wezwe ubaba uMsholozi eselihlabile ukhwelo, okwethu ukuqinisekisa ukuthi leli phupho liyafezekiswa.

NjengoMnyango sesisungule ithimba elizocubungula ukuthi siphuthumisa kanjani ukuthi ezinhlelweni zethu, okubalwa ukwakhiwa kwengqalasizinda yomgwaqo nokuxhaswa kwamabhasi, kuhlomule abantu abamnyama. "Sinohlelo lwe-Operation Vula lapho siqinisekisa ukuthi amabhizinisi asafufusa ayahlomula kakhulu njengohlelo lokuvalwa kwezikhinsi emigwaqeni, lokhu sekuqalile eThekwini kanti sisezinhlelweni zokusabalalisa lolu hlelo nakwezinye izindawo," kusho uKaunda. Ube esethinta nwezokuphepha komphakathi wathi: "Sifisa ukunxusa umphakathi ukuthi usebenzisane namaphoyisa ukuze kugwemeke ubugebengu. Kukhona nezigebengu (gangs) okuthiwa zihlalise lubhojozi umphakathi. Kuzomele sonke sisukume sibhekane nazo ngoba lokhu kugcina kuphazamisa ngisho nokufunda endaweni, ngakho ke kumele nenze umfela ndawonye ukuze kuboshwe izigila mkhuba."



**"Ukugibela ibhayisikili akuzusiza kuphela abafundi ngokuthi basheshe bafike ezikoleni kodwa kuzobuye kwenze nokuthi imizimba yabo ihlale ihlelekile futhi inempilo."**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda

# UDLUNGWANA UDUDUZE UMNDENI KATHISHA WASE LADUMA HIGH SCHOOL

**MBALI ZULU**

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwana uhambele umngcwabo wokade eyibamba lika Thishanhloko wase Laduma High School (eMgungundlovu District), u Priscila Themelihle Mchunu, odlule emhlabeni emva kokubulawa ngesihluku, edutshulwa phambi kwabafundi ngoMqibelo, zingu 18 ku March 2017.

Inkonzo yomgcwabo ka Ms Mchunu ibibanjelwe edolobheni lase Mgungundlovu zingu 22 Mashi 2017, lapho ihholo beligcwele phama, umphakathi wa KwaZulu-Natali uzothi dudu kumndeni wakwa Mchunu nakumndeni wase Laduma High School. uMiss Mchunu udlula emhlabeni nje umnyango ubusumphathise umsebenzi wokuthi abe yibamba likaThishaomkhulu ( Acting Principal). izikhulumi zonke ebezikhuma kuhlelo lomgcwabo zifanise u Ms Mchunu njenge sosha elisale enkundleni kwazise uhambe emi phambi kwabafundi ebafundisa izifundo zangoMgqibelo.

Obekhulumela abasebenza naye uthe Miss Mchunu ubenguthisha obefundisa i History ube namagalelo amahle kuyoyonke leminyaka ekhiqiza imiphumela emihle .

Ekhuluma kubantu abekade begcwele ihholo, uMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uzwakalise amazwi endunduzo emndenini wakwa Mchunu nasemndenini waseLaduma High School.

Uphinde wabalula nokuthi umphakathi wa KwaZulu-Natali ubhekene nengwadla yenkinga lapho izigila mkhuba zizenzela zibulala abantu ngendlela ethandwa yizo .

"Siwumnyango silimele kakhulu - silahlekelwe ngokuhamba kuka Miss Mchunu obengomunye wezinqalabutho zethu.

U Miss Mchunu ubengomunye wothisha ebesigadla ngaye - besazi ukuthi iLaduma imile ngoba naye ekhona.

Siyawezwa amahlebezi athi lothisha ubulawele isikhundla sokuba uThishanhloko.

SiwuMnyango siyaziqhelelanisa nalamahlebezi ngoba kasazi lutho ngawo. Sicela noma ubani onobufakazi eze phambili ukuze ziboshwe lezizigilamkhuba.

Esikwenzile siwuMnyango ukuthatha uhlelo lokuqashwa kuka Thishanhloko wase Laduma, saluletha eNhloko Hhovisi," kunaba uDlungwana.



*Bekusho ingoma nezinkulumo ezinohlonze kufihlwa Unkk Mchunu.* ***Isithombe:*** ***CRED SIBONELO QWABE***

# Owezemfundo uyaziqhenya ngegalelo lika Nksz Thandeka Sibiya emnyangweni

**NOMPUMELELO GASA**



*Unksz Thandeka Sibiya kanye nabafundi bakhe base Sobantu High School.* ***Isithombe:*** ***CRED SIBONELO QWABE***

Ugile izimanga uThisha waKwaZulu-Natal, uNksz Thandeka Sibiya ofundisa eSobantu High School, ebuya nendondo emncintiswaneni wokubungaza othisha abenze kahle esigabani soMnyango wezeMfundo kuzwelonke.

UMnyango uyaziqhenya kakhulu ngo Nksz Sibiya oqwaqwade bonke othisha baKwaZulu-Natal, walala isiththathu ezweni lonke emkhakheni wokuba uthisha ovelele ekufundiseni emabangeni aphezulu. UNksz Sibiya ukuthakasele kakhulu ukuba uthisha ovelele waze wakusho ngebamba ukuthi ngeke aphumule aze abaqwaqwade bonke othisha ezweni lonke jikelele.

"Kungijabulise kakhulu ukuba uthisha ovelele, impela ukuzikhandla nokuzimisela emsebenzini kuba nomvuzo omuhle. Angizuphumula ngoba sengibaqwaqwade bonke othisha esiFundazweni kodwa ngizosebenza kanzima ukuze ngivelele emhlabeni wonke jikelele," kubeka uNksz Sibiya."

USibiya osehambe elide ibanga emkhakheni wezeMfundo, uqale ukufundisa eVelangaye High School nokuyilapho azibona khona ukuthi akabizelwe ekufundiseni kuphela kodwa ubizelwe nasekuthuthukiseni izinga lemfundo alibeke esicongweni. "Ukuqala kwami ukufundisa eVelangaye kwangenza ngabona ukuthi ziningi izindlela zokucija umntwana emkhakheni wezemfundo akukona nje ukuma phambi kwakhe ufundise ngokwencwadi kodwa nangaphandle kwesikole ziningi izinkampani ezilekelelayo ukuthuthukisa lokho uthisha asekutshalile kumfundi," kubeka uSibiya.

Ubonge kakhulu uDkt Ngogi Mahaye owayenguThishanhloko wase Velangaye okumanje osezinze eNhloko Hhovisi, eHhovisi laMphathiswa wezeMfundo lapho eyi Head of Intervention Programme.

"Ngibonga kakhulu kuDkt Mahaye owakhombise okukhulu ukungithemba ekuthuthukiseni izinga lemfundo yomntwana ngokungiqoka ukuthi ngisebenzisane nezinhlaka ezizimele ezinhlelweni zokuvundulula amakhono ahlukahlukene kubafundi," kuqhuba uSibiya.

Okunye okumulekelele kakhulu ukuthi abe kulelizinga ukuqhubeka nokufunda ngenhloso yokuzithuthukisa emkhakheni wezeMfundo. uSibiya ugogode nge Degree ku Humanities, Post Graduate Certificate in Education, Honours Degree okumanje uzobe ethweswa imiyezane emva kokuphumelela kwi Masters.

Uthe ukufunda ikona okumenza aqhamuke njalo namaqhinga aba usizo kubafundi.

"Ngithanda ukugqugquzela othisha ukuthi baqhubeke njalo nokufunda ngoba imfundo ayiqedwa kodwa iyalekelela ukuthi ube nolwazi oluthuthukile futhi oluphucikile. Ngizimisele kakhulu ukusebenzisana nothisha besiFundazwe ngenhloso yokuthelela ngolwazi enginalo ekufundiseni abafundi," kuphetha uNksz Sibiya.Ezinye ezinto ezilekelele kakhulu ukuthuthukisa izinga lika Thandeka emkhakheni wezemfundo ukuqokwa kwakhe ukuthi amele bonke othisha base Ningizimu Africa kwinkomfa ebizwa nge Teaching Excellence and Achievement Programme (TEA) ebibanjelwe phesheya kwezilwandle e-USA.

UThandeka uyena kuphela owayeqhamuka ezweni lase Ningizimu Africa kulenkomfa neyaba usizo kakhulu ekucijeni ulwazi lwakhe.

Kulenkomfa uThandeka uthi wazuza lukhulu okubalwa ukufundiswa kabanzi ngokuba uMholi, ukunakekela abafundi abakhubazekile nabanezinkinga ezihlukene, izindlela ezithe thuthu emkhakheni wokufundisa.

"SiwuMnyango siziqhenya kakhulu ngalothisha wethu u Nksz Sibiya. Impumelelo yakhe kwisiFundazwe kanye nakuzwelonke ifakazela lokhu esihlale sikusho ukuthi iningi lothisha bethu lizimisele futhi lenza umsebenzi oncomeka kakhulu.

Sihalalisela nesikole sakhe iSobantu Secondary School ngokuba nothisha ofana naye futhi sinxusa nabanye othisha bethu ukuthi basike iphethini kuye," kubeka uMphathiswa uDlungwana.



**"SiwuMnyango siziqhenya kakhulu ngalothisha wethu u Nksz Sibiya. Impumelelo yakhe kwisiFundazwe kanye nakuzwelonke ifakazela lokhu esihlale sikusho ukuthi iningi lothisha bethu lizimisele futhi lenza umsebenzi oncomeka kakhulu."**

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane

# UDLUNGWANA UKHUTHAZE UKWENZA KANCONO EZIKOLENI ZAKWAMACHI

**MBALI ZULU**

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwana, ubezifikele ngokwakhe kumphakathi wakwa Machi esigodini sase Vukuzakhe ku Ward4, zingu 22 ku Ndasa 2017, lapho ubehambele izikole ezimbili okuMdulashi High School nakwaMachi Primary School.

Loluhambo oluyisipesheli lokuvakashela izikole belungaphansi kohlelo luka Sukuma Sakhe, lapho uNdunankulu wesiFundazwe sakwa Zulu-Natal, uMnu Willies Mchunu, esuke ejube khona bonke oNgqongqoshe ezindaweni ezahlukene ngaphansi kamaspala owodwa.

Efika eMdulashi High School, uMphathiswa uzwakalise ukungathokozi ngenxa yemiphumela etholwe isikole ngonyaka odlule.

Ngonyaka ka 2016 lesisikole sathola 26% kwimiphumela ka matikuletsheni. Nokho okwafika kwamhlaba umxhwele uMphathiswa ukuthi ingqalasisizinda yesikole isezingeni elikahle. Noma sisincane nje isikole, kodwa banalo usizo lwamakilasi angomahamba nendlwana okusho ukuthi kukhona usizo abaluthola eMyangweni besalinde amakilasi esakhiwo esisha ngenxa yobiningi bezingane.

Efika Kwa Machi Primary School isikole samabanga aphansi, uMphathiswa wathola ukuthi isikole sinengqalasizinda enhle nezindlu zangasese nazo zakheke kahle. UMphathiswa wajabula kakhulu ukubona isikole sabantwana abancane kodwa sihlanzekile ngendlela egculisa futhi bafunda kahle abantwana. “Ngenxa yokuthi siwuhulumeni onakekelayo nokhathalele isizwe, yingakho uNdunankulu wesiFundazwe sa Kwa Zulu-Natali, uMnu Willies Mchunu, enza loluhlelo lokuba bonke oNgqongqoshe beminyango ehlukene bavakashele izikole zonke ezingaphansi kwalesisizwe sakwa Machi. Kungenxa yokuthi siwuhulumeni sifisa ukuletha intuthuko futhi sifisa nazi ukuthi imfundo ibalulekile etsheni yakithi.

Uma sihambela izikole sifike sibuke umsebenzi owenziwa othisha nokuthi isikompilo lokufunda lokufundisa luhamba kanjani esikoleni. sizwile futhi nokuthi izidakamizwa ziningi lapha esikoleni eMdulashi yingakho nemiphumela ingekho mihle.

Nalapho futhi siwumnyango zizongenelela ekulweni nezidakamizwa kulesiyasikole.” Kunaba uDlungwana. Ekhuluma kumphakathi wakwa Machi obuphume ngobuningi bawo begcwele ihholo lomphakathi, uMphathiswa uphinde wabalula indaba yokuthi uMnyango unohlelo lokusabalalisa imisubela ezikoleni za KwaZulu-Natal ezosiza izingane zamantombazane ukuze zingaphuthi esikoleni ngenxa yokuthi akukho abazokusebenzinza futhi nabazali akukho abangakwenza.

Uphinde wakhuza nakumantombazana afundayo abese ayakhulelwa besafunda isikole wabaxwayisa ngobungozi bokuthola abantwana bebancane ngeminyaka.

Uthe lokhu kuyabalibazisa emfundweni yabo baphazamiseke besakhulisa izingane engabe bayaqhubeka nemfundo bathuthukise ikusasa labo beye phambili ngoba imfundo iyona ehamba phambili.


UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane.

# UMthembu nombhidlango woguquko lwezentuthuko olunzulu eNquthu

**LONDIWE NGIDI**

**UNGQONGQOSHE** wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Themba Mthembu, uhambele indawo yaseNquthu eyaziwa ngeManxili eyokwethula uhlelo lokuphuthunyiswa kwentuthuko i-“radical social-economic transformation”, olusho ukuguqulwa kwesimo somnotho kanye nezimpilo zabantu okungenamahloni.

Lolu hlelo lusungulwe ngemuva kwenkulumo kaMengameli wesizwe, uMnuz Jacob Zuma, ayeyibhekise esizweni lapho abalula ukubaluleka kokuguqulwa kwesimo somnotho kanye nezempilo kabantu ngaphandle kokunanaza.

Inhloso yalolu hlelo ukuqinisekisa ukuthi kunokudla okunomsoco, ukugqugquzela ukutshala ngezikhathi zonke zonyaka, ukudlondlobalisa umnotho, ukudala amathuba emisebenzi nokuqeda indlala kuso sonke isiFundazwe saKwaZulu Natali.
Lolu hlelo lubheke ekutheni lulethe izidingo zabantu kubantu.

UNgqongqoshe uvakashele iJuncao Mushroom Project lapho ebezovuselela isikhungo samakhowe esiku-Ward 1, emtholampilo waseManxili nekungesokuqala ngqa ukuba khona kuleli lizwe.
Amakhowe angumthombo womsoco obizwa nge-protein atholakala kakhulu enyameni.

Lawa makhowe ane-protein elingana ncamashi naleyo etholakala enyameni. Umehluko phakathi kwamakhowe nenyama ukuthi amakhowe ayatshalwa kanti futhi akhula ngokushesha esikhathini esifushane.

Lokhu kusho ukuthi umsoco oyi-protein uzohlala utholakala njalo futhi ngokushesha. Lesi sikhungo samakhowe sibonakala njengesinye esizokwazi ukudala imboni ezosabalalisa amakhowe esiFundazwe saKwaZulu Natali sonke nezohlomulisa kakhulu abampofu ikakhulukazi abesifazane nezingane.

“Lokhu kuzoba izindaba ezimnandi ezakhamizini zaseNquthu njengoba imizi ebalelwa ku-60% kulo mkhandlu yongamelwe ngabesifazane abayinhloko zemizi kanti futhi uphinde ube nabantu abasha ababalelwa ku-53.3% abangaqashiwe. Kunabantu abasha abangu-20 asebehlonziwe izinhlaka zendawo ukuba basebenze baphinde bahlomule kulolu hlelo lwamakhowe.

Laba abasha bayaqeqeshwa, bahlonyiswa ngamakhono okuphatha ukuze lolu hlelo lube ngolusebenza kahle kulo mkhandlu.

Ngaphandle kwalolu hlelo lwalapha eNquthu sizoqalisa izinhlelo ezifanayo nalolu ezingu-47 ezindaweni ezahlukene kuso sonke isiFundazwe.” Kusho uMthembu. Ezinye zezinhlelo ezisungulwe uMnyango, uhlelo lokufuywa kwezimbuzi oluhambelana nezinhloso ezibalulwe ohlelweni lokuqeda ububha esiFundazweni.

Uhlelo lwezimbuzi luqhakambisa ukufuywa nokudayiswa kwezimbuzi njengomgudu wokusimamisa umnotho kanye nokwakha izimakethe ezizinze ezindaweni zasemakhaya.

UNgqongqoshe uvule idiphu lokuqala ngqa ku-Ward 1 ngaphansi kweNkosi uSithole.

Leli diphi lizosiza abafuyi bezimbuzi ngokunqanda amakhizane kanye nezikelemu ezidala ukwanda kokufa kwezimbuzi kanye namazinyane.

Lapha eNquthu amalungu emifelandawonye angu-42 aseqeqeshiwe ekufuyweni kwezimbuzi kanye nasekuphathweni kwebhizinisi lokuhweba ngezimbuzi.

Imindeni engu-15 ekhethiwe izonikezwa izimbuzikazi ezinhlanu nempongo eyodwa umndeni ngamunye.
Ngokwesivumelwane esiyokwenziwa le mindeni kumele ibuyisele amazinyane okuqala emNyangweni. Lolu hlelo lwezimbuzi luzothuthukisa umkhiqizo walabo abazowuphatha kahle umhlambi wabo, uMnyango uphinde ubaxhumanise nezimakethe zendawo nezangaphandle.

Lokhu kuhweba kuzodala ukuba umthamo wezimbuzi okhiqizwayo wande. Okunye okuhloswe ngalolu hlelo ukuthuthukiswa kwabesifazane kanye nentsha njengoba kugxilwe ekwakheni nasekuchumiseni umnotho oxubile nohlanganisayo. Inhloso enkulu ukukhiqiza izimbuzi ezingu-1 million ngonyaka.

UmNyango sewakhe amashede ezimbuzi amabili endaweni yeNkosi uSithole.

*“Lokhu kuzoba izindaba ezimnandi ezakhamizini zaseNquthu njengoba imizi ebalelwa ku-60% kulo mkhandlu yongamelwe ngabesifazane abayinhloko zemizi kanti futhi uphinde ube nabantu abasha ababalelwa ku-53.3% abangaqashiwe.”*

Lezi zakhiwo zizolekelela kakhulu ekugcineni imfuyo kanye nasekunqandeni ukufa kwamazinyane. UMnyango waphinde washiyela imindeni eyishumi amathangi amanzi azolekelela ekugcinweni kwamanzi emvula. Ugqugquzele lo mphakathi ukuthi kwande izivande emagcekeni, kwanda izihlahla zezithelo emabaleni kanye nokubona i-Ward likhiqiza amakhowe, umuzi ngamunye ufuye izikhukhukazi ezilishumi neqhude elilodwa ehhokweni elisebaleni, nokubona umuzi ngamunye okungenani ufuye izimbuzi eziyisithupha nempongo eyodwa ebaleni.

Umuzi ngamunye kumele ube nethangi lamanzi ebaleni kuthi umphakathi isigceme ngesigceme ube nensimu yomphakathi eyodwa ebiyeliwe.

UMnuz Mthembu uthe, “Sinethemba lokuthi nina njengomphakathi waseNquthu kanye nomkhandlu waseMzinyathi nizosondela nisebenze kanye nathi ekwenzeni ezolimo zibe yisikompilo lethu njengoba isiqubulo somNyango wethu sinxusa.”

